# UJEHOVA-JIRA

Asibe silokhu simile umzuzwana nje, ngenkathi sisahlangana noNkulunkulu ngomkhuleko. Bangaki onesicelo, namhlanje na? Ubungakwazisa nje ngesandla esiphakanyisiwe na? AsiMkholwe manje, njengoba sikhuleka.

2 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngalokho amehlo ethu akubonile, nezindlebe zethu ezikuzwile, isambulo sikaJesu Kristu kubantu baKhe, futhi sibe nenhlanhla yokuphila kulolusuku ukuthi bonke okhokho, nabaprofethi, abaphostoli, namadoda amakhulu eminyakeni eyedlula ubelangazelele ukubona lolusuku. Babengavuka kuphela enkundleni, labobaprofethi basendulo, futhi babone yona impela into abayibona kuleyominyaka manje yenziwa, ziyobakhona kanjani izinkonzo zokuvangela! Mhlampe, bevalelwe emajele, bababize “ngabantu abahlanyayo.” Siphila osukwini ukubona konke lokhu abakubona ngokukholwa.

3 Nkulunkulu, asithathe ithuba ngenkathi lisethulwa kithi. Bathembele kithi, balishiya iZwi labo, iZwi likaNkulunkulu elaboniswa kubo, bathembele kithi ukuba siLifeze. UJesu wafika ukuzoLiqinisa, nokuthumela uMoya oNgcwele ukuba uqhubeke nomsebenzi futhi usiphe amandla ukuba sisebenze ngawo, zize ziphele zonke lezizinto, bese kuthi-ke iBandla elikhulu elihlengiwe likaNkulunkulu ophilayo lihlwithwe ukuhlangana naYe.

4 Kunabanye lapha namhlanje, Baba, ongenalo leli elibusisiwe, ithemba lokuphumula emphefumulweni wabo, kwangathi lolu kungaba usuku abazokwemukela ngalo. Kungahle kube khona labo lapha asebekhandlekile endleleni, mabazi, Nkosi, ukuthi asizi neze kwipikiniki, kodwa enkundleni yempi, balwe onke ama intshi endlela, ubanike isibindi, ubaqinise.

5 Kukhona abanye lapha abalimele, Nkosi, isitha sidubule imicibisholo yokugula emzimbeni wabo, nezinhlupheko. Kukhona amaqhawe alele lapha enkundleni yempi, abezovuka futhi ahambe uma ebengakwazi, kodwa a, zofanele ayiswe endlini yezihambi lapho uMlindi ezonakekela khona. Baba, kwangathi i-ambulensi kaNkulunkulu ingabathwala ibayise kokwangempela, ukukholwa kwangoqobo kulentambama, siphe khona, Nkosi, sikhulekela ukuthi bazophulukiswa.

6 Kukhona abanye abaphakamise izandla zabo, Nkosi, engingazi ukuthi izinkathazo zabo zaziyini, noma ukuthi isifiso sabo siyini, noma ngabe kuyini, ngiyabakhulekela, Baba, ukuthi Uzobapha isifiso sabo. Thola udumo ezinkonzweni njengoba sizethula thina ne, iVangeli lethu Osishiyele lona

ukuba sishumayele kuWe ngenxa yomsebenzi oqhubekayo ekuqiniseni. EGameni likaJesu. Amen.

7 Ningahlala phansi. Qiniso ngiyasho ukuthi ngiyaxolisa ukuthi lena yinkonzo yokuvala yalemvuselelo encane, noma nje, asibanga naso isikhathi semvuselelo, ukubuthana kwethu okuncane ndawonye. Kodwa ngiza ngesimemo saleliqembu elihle lamadoda, abefundisi bedolobha, namacala onke, ngenxa yokuthi ngizizwele ngiholeleka ukuba ngize. Kunezindawo ezilindile, angikusho lokhu ukuba ngikusho nje, ngikusho ngoba kuyiqiniso, kunezindawo ezilindile ezinamashumi ezinkulungwane zabantu ndawonye, bonke phesheya kwezilwandle. Amakhulu ezindawo phesheya kwezilwandle, amadolobha amakhulu eMelika, nxazonke. Kodwa ngokwejwayelekile ngibeka izinto phandle, izimemo, futhi ngikhuleke phezu kwazo, akunandaba ukuthi kukuphi, noma yikuphi lapho iNkosi ithi hamba, ngiyahamba.

8 Lapha nje esikhathini esithile esedlule, ngafunda isimemo, unkosikazi nami sasithola izimemo, indlu, enye indoda yathi, "Mfowethu Branham, uma uzoza, sizoqinisekisa imali ewu *kuthi-nokuthi*," niyazi, "futhi *okuningi kangaka* uma nje uzoza."

9 Incwadi elandelayo yathi, "Mfowethu Branham, anginayo into engingakwethembisa yona, hhayi ngisho nendawo yokucamelisa ikhanda lakho." Yathi, "Ngiyindoda eganiwe, nginamadodakazi ayisikhombisa, futhi amahlanu awo asekhulile, sonke silapha kwencane, indlu enamakamelo amathathu." Wathi, "Ngishumayela ngaphansi kwezihlahla ezimbili zeshoba." Yathi, "UNkulunkulu uyazi ukuthi ngiyakudinga." Niyazi ukuthi ngayaphi na? Phansi lapho, kunjalo. Futhi lapho, kulowomhlangano, bakha i—itabernakele *elikhulu*, futhi leyondoda, ngokwazi kwami, isalelusa. Futhi lokho kwakusezansi e-Arkansas. Niyabo, kuhlala njalo kungcono kakhulu ukulandela ukuhola kukaMoya oNgcwele.

10 Angizange ngishumayele e—ebandleni elihle ngokwedlulele kunokuba ngibe nalobubusuku obuhlanu, izinsuku ezinhlanu lapha. Ngiyanithakasela nonke, nithembeke kakhulu. Ngiyasithakasela lesisigejane esihle sabefundisi emuva lapha. Ngijabula kakhulu ukuthi—ukuthi leliqembu labantu linabelusi bezimvu ukuba bababhekisise, kanje.

11 Ngempela, *umelusi* uvela egameni, *umelusi wezimvu*, "umondli womhlambi." Futhi bangabelusi, abelusi bezimvu. Futhi leliVangeli engilishumayelayo, bayalikholwa, yingalesosizathu belixhasa. Yingalesosizathu behlezi phezulu lapha emsamo ukusho ukuthi "Simele lomhlangano."

12 Futhi mina, abaphendukile, abantu abanikele ngempilo yabo kuKristu, nenkonzo yabo yesikhathi esizayo, ngithemba ukuthi ngazo zonke izindlela nizobabona abanye balababefundisi, futhi nibavumele banibhaphathize

ekukholweni kobuKristu. Futhi—futhi uNkulunkulu ukunika uMoya oNgcwele, futhi ube yilunga lebandla labo.

Manje, asimele noma iyiphi inhlangano, noma ethize. . . Thina nje, uJesu Kristu, sonke.

13 Ngifuna ukubabonga ngokungimemema, ngokuma nami futhi bangisize. Bazalwane, ngiyanithokozela impela. Futhi ngikhulekela ukuthi ngelinye ilanga, uma kuba yintando kaNkulunkulu, ngingabuyela emhlanganweni owandisiwe lapho esingangena khona ndawondawo, futhi sibe nesikhathi esiningi.

14 Futhi ezikhulwini, abaphatheli balesisakhiwo abasivumele ukuba sibe nalesisakhiwo, siyakuthokozela lokho, ubumnene babagcini, kanjalonjalo, nakho konke abakwenzile. Omunye wababafana ubemi phandle lapho njengamanje, wasigcinela indawo yokupaka, omuhle ngempela, uhlobo oluhle lomnumzane ohloniphekile emi lapho, umfana oyikhaladi, ngimfisela okuhle ukwedlula konke kwezibusiso zikaNkulunkulu. Futhi konke, ngiyakuthokozela.

15 Futhi okwebandla, ukuthi nisabele kanjani futhi nakholwa yiZwi elishunyayeliwe!

16 Futhi bangitshela ukuthi zonke izikweletu sikhokhiwe, nokuthi bathathe umnikelo wothando. Mina, anidingekanga ukuba nenze lokho, ngiyakuthokozela, nokho. Futhi ngizoniqinisekisa ukuthi ngeke kubekhona okusetshenziselwa ugologo, osikilidi; uzoyongena ngqo eMbusweni kaNkulunkulu. Engikwenzayo ngawo, kuqonda ngqo e. . .Niyazi ukuthi kwenzekani kuwo na? Uya ezimishini zakwamanye amazwe, angithathi ngisho indibilishi yawo, uya ukuyosekela izimishini lapho ngiya khona phesheya kwezilwandle. Lapho ngithola ukuqongelela okwenele, khona-ke ngiya phesheya kwezilwandle futhi ngishumayele kubantu abangazi ngisho nokuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, abazi ukuthi kuyini ukudla okuhloniphekile, abazigqoki ngisho nezingubo zokugqoka.

17 Ngakho ngifanele ngiphendule ngaleyomali, futhi khona-ke ngiyazi, ngiyigosa elikahle, ngizoyisebenzisa eMbusweni kaNkulunkulu. Ibandla lami linginika i—iholo lamadola ayikhulu ngeviki, yilokho engiphila ngakho nabantwana bami.

18 Empeleni, omunye ungithumelele amadola amabili, ngiyakuthokozela lokho, ngendodana yami, futhi bekunamasheke amabili amadola amahlanu angena kuleliviki. Futhi i. . .Omunye esikhashaneni esedlule usithumelele ibhokisi lamajikijolo afakwe ethinini, umkami akakwazi namanje. S'thandwa, noma ngabe ukuphi, sibheke ejubilini lokudla okuhle manje. Ngi—ngiwathanda ngempela amajikijolo.

19 Abanye benu, mhlawumbe, bangibhalela izincwadi, ngiphendule ngakho konke ebengingakwenza. Manje, emibuzweni eningibuza yona eMfundisweni, nginibhekisele nje

kumelusi wenu, niyabo, ngoba angi—angikwenzi lokho, niyabo. Kuhle, ngiyakuthokozela ubeka lokho kungethemba okungako, kodwa niyabo, sonke besingeke sivume, nje, ezisekelweni thina sonke, sivuma izinto ezifanayo, kodwa indoda ngayinye, mhlawumbe amabili noma amathathu ehlezi *lapho* ebengeke. Yingalesosizathu ngithe, "Buza umelusi wakho," niyabo, ngoba ngezinye izikhathi kubangela ukungezwani okuncane ebandleni, futhi asikufuni lokho, si—sifuna nibe nokuvumelana nokuzwana kunye. Ngicabanga ngomelusi wenu njengeculo, *Umusa Omangalisayo*:

> Kwaba umusa ongilethe ngiphephile kuze kube
> lapha,
> Umusa uzongithatha uqhubeke.

20 Uma umelusi eshumayele iVangeli, futhi uphendukile futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, Methembe uqhubeke, uzokunakekela konke okunye kwakho, qhubeka nje ngqo.

21 Ngakho, angiyiphenduli imibuzo yeMfundiso. Ngiyakholelwa nje kwenkulu eqavile, iMfundiso yevangeli yeBhayibheli. Futhi engikushoyo lapha, ngisho noma umelusi wenu engavumelani nakho, sizokwazi into eyodwa nje, ukuthi ngokwesisekelo, sobabili sikholwa into efanayo.

22 Niyazi, ngisho nomkami nami asivumelani phezu kwayo yonke into. Kunjalo. Yena, lapho edla uphaya, uyawuthanda uphaya wamajikijolo, nami ngiyawuthanda uphaya wamasheri. Ngiyathanda ukuthatha isheri, futhi ngiyawuthanda uphaya wamajikijolo futhi, ngiyaqonda, kodwa ngithatha uphaya wamasheri, ngifake lowojusi phezu kwawo, bese-ke uthela ibhotela phezu kwalokho, bese-ke uthela utiligi phezu kwalokho, sekulungele ukudliwa nje ngaleyonkathi, kunjalo, kuhle *ngempela*.

23 Manje, ngiyanitshela, uthanda into efanayo, kodwa wesaba amakhalori, ngicabanga ukuthi yilokho. Kodwa ngiyakutshela, S'thandwa, noma ngabe ukuphi phakathi lapha, lapho sipheka lowo phaya wamajikijolo, ngizokukhethela onke amakhalori, wina nje—wena nje yiba nesikhathi esimnandi.

24 UNkulunkulu akubusise, ngiyabonga kakhulu, konke enikwenzile, nesekele imihlangano futhi yilokho kuphela obekudingekile. Ngizonicelela omunye umusa futhi, uma nithanda. Mhlampe kulelihlobo, futhi e...Ngethemba ukunibona futhi nganeno kweJordani, uma ngingakwenzi, ngizohlangana nani ngakwelinye iCala, naleliVangeli elifanayo ebengilishumayela, ngizoma ukuba ngehlulelwe ngalo eCeleni.

25 Manje, ngithanda ukusho lokhu, ukuthi uma kukhona noma yisiphi isikhathi engingakwenzela umusa, ngingajabula ukukwenza. Ngangivame ukuthi, "Benginga, ubusuku abuyi ngokuba mnyama kakhulu, imvula ayilokothi ine kanzima kakhulu, kodwa ngingagaqa ukuze ngifinyelele kuwe." Manje,

ngenkonzo yomhlaba wonke jikelele, ukuxhumana komuntu siqu cishe nabantu abayizigidi eziyishumi, bengingekwenze lokho. Isizathu sasinefoni eyodwa, sasibala uma izingcingo zingena kulefoni eyodwa, futhi zazilinganisela, ngikholwa ukuthi kwakungukuthi, cishe izingcingo ezingamashumi amabili noma amashumi amathathu zamabanga amade ngehora. Niyabo? Ngakho niyabo, wena nje, ubungeke ukuphendule konke, futhi ufike kukho.

26 Kodwa ngisho into eyodwa, ngenza konke engingakwenza. Babhala phansi lezozicelo, uma ngingakwazi, abaningi engingabashayela ucingo ngibaphendule, ngiyakwenza, futhi ngibakhulekele bonke, nakho konke engingakwenza. Futhi sikhulekela izindwangu ezincane futhi sizithumele ngaphandle, uma ufuna eyodwa, yonke into esinayo imahhala, ngakho thumela nje futhi uyithole.

27 Manje, asifuni ikheli lakho, njengoba ngishilo, nginesikhathi esinzima ukuthola usizo ngisho nokuphendula izincwadi. Manje, uzothola i—isiliphu esenziwe, isiliphu esenziwe ngomshini yokwandisa okuthayishiwe, ekutheni wenzeni, uye kanjani kumelusi wakho, lapho uthola lendwangu encane. Bangaki okholelwa kulokho, amaduku nezindwangu, iZenzo 19 na? Futhi lokho ngu—lokho ngukuthi, ingxenye enkulu kunazo zonke yenkonzo yami yileyo.

28 Futhi bengihlala njalo ngibhekisela lokhu, kubonakala kuxakile kakhulu. Kwakukhona owesifazane omncane eJalimane wathola eyodwa lapha, cishe unyaka noma emibili edlule. O, wayehumushe ngemuva, umhumushi wakwenza, ngesiNgisi, ukuze ngikwazi ukukufunda. Wayekade ekhubazekile esesihlalweni esinamasondo cishe iminyaka eyishumi nanhlanu. Futhi wathola lokhu, futhi wafunda ukuthi ufanele ambize kanjani umelusi, futhi uma wayengekho umelusi, biza amanye amaKristu, bese-ke evuma yonke into ake ayenza eyiphutha futhi ayilungise noNkulunkulu, bese ebeka lokho phezu kwenhliziyo yakhe, akuqhasele engutsheni yakhe yangaphansi, bese-ke eba nokukholwa.

29 Ngakho ngenkathi esekwenze konke lokhu, umelusi wakhe wayelapho, futhi wakubeka enhliziyweni yakhe, wathi, “Manje, ndoda endala engudeveli, usube nami isikhathi eside ngokwenele, suka!” Wasukuma, wase ehamba eqhubeka. Kunjalo. Kwaba lula kanjalo—kanjalo nje, waphulukiswa ngokuphelele, ngokwejayelekile.

30 Ngukukholwa kwakho nje okulula ekukholweni. Abantu bazama ukwenza ukukholwa kube ngokulukhuni kakhulu, akulukhuni, kulula nje, ukukholwa okunjengokomntwana.

31 Niyazi, igazi eTestamenteni eLidala lalibhecwa ngehisopi, nikuzwile lokho isikhathi esiningi. Niyazi ukuthi yini ihisopi na? Ukhula olwejwayelekile nje, uluthola noma yikuphi.

Ezansi eGibhithe, kanjalonjalo, lumila luphume obumbeni, imifantu esakhiweni, lapho u—umoya uthwele imbewu. Bathola lokho, elincane, uhlobo lweqabunga elincane elimise okwedayimane, linembali kulo, ihisopi nje, okujwayelekile. Kusho ukuthini na? Awudingi ukuba ube nanoma yikuphi ukukholwa okukhulu ukuba ubhece iGazi likaJesu Kristu, ukukholwa okwejwayelekile nje, kukholwe. Yilokho kuphela.

32 Futhi khumbulani, iZwi likaNkulunkulu liyomehlula uSathane nomaphi, noma ngasiphi isikhathi, kunoma yimuphi umhlabathi. Kunjalo. IZwi likaNkulunkulu liyomehlula uSathane.

33 Manje, umbuzo, into ebengifuna ukunibuza yona: Ngibhekene nobunzima obuningi obuqinile, amasimu angaphandle, ngiphonselwa inselele yi—yizo zonke izinhlobo zemfundiso kadeveli okungacatshangwa ngazo. Lapho imimoya ivunguza kanzima ngempela futhi kushisa, izithunywa zenkolo zimile, zifuna ukubona ukuthi yini ezokwenzeka, zona, zonke izinyanga-bathakathi macala onke, ngingakhumbula eRichmond, eVirginia, uyangikhulekela na? Ngingakukhumbula lokho na? Yilokho engithembele kukho. UNkulunkulu akubusise. Ngizothembela kulokho, ngiyohlala ngiyikhumbula iRichmond, leli elihle, iqembu elincane.

34 Manje, ngeviki elizayo sisenhla lapha eMiddletown, e-Ohio. Bese kuthi-ke kuzo zonke izimemo zenu, lomfowethu, omunye, omunye wabafowethu ubelapha ndawondawo, ngisanda kukucosha nje, ngisibonile esikhathini esedlule ngenkathi unobhala wami wasensimini enginika sona ngokubuya, phezulu ngenhla lapha, kuleWashington, DC, futhi. Manje, singahle sikwazi ukubamba lokho masinya impela, ngizwe ukuthinta okuncane kulokho, eWashington, DC mhlawumbe, ngaphambi kokuya phesheya kwezilwandle, ukuze sikwazi ukuthola lokho.

35 Futhi kumfowethu, angicabangi ukuthi ulapha, ubesemhlanganweni izolo, cishe ezansi eCarolina, ngifanele ngiye eFlorida, ingqungquthela yeChristian Business Men, ngizokhuluma kulokho ngoJulayi, ngiyakholwa, owokuqala, owesibili, owesithathu, nowesine, eMiami, bese kuthi-ke, mhlampe, ngehla, ngingahle ngikwazi ukubamba lokho, omunye wabo lapho eCarolina, njengoba sehla, ngoba beza ngoMgwaqo omkhulu u-1 ukuba behle.

36 INkosi inibusise. Bengingakhuluma nje nani yonke intambama, kodwa nifanele niye esontweni kulobubusuku, futhi ngethemba ukuthi niyakwenza, futhi nibe nomkhulu, umhlangano omkhulu.

Manje, masithi, kanye futhi, sikhothamise amakhanda ethu kuNkulunkulu.

37 Baba, silungiselela ukuphenya emuva amakhasi aleNcwadi. Futhi siyafunda eBhayibhelini lapho sibone khona leNcwadi

esandleni sokunene saKhe ohlezi esiHlalweni sobukhosi, futhi kwakungekho-muntu owayekwazi ukuthatha iNcwadi, noma ukuqaqa iziMpawu, noma ngisho nokubuka kuzo. Kodwa kwafika iWundlu elalikade lihlatshiwe selokhu kwasekelwa umhlaba, futhi Lathatha iNcwadi esandleni sokunene saKhe ohlezi phezu kwesihlalo sobukhosi, futhi Lavula iNcwadi neziMpawu.

38 Besizokhuleka namhlanje, Baba, siyazi noma yimuphi umuntu okwazi ngokomzimba ukuphakamisa isandla sakhe angaphenya amakhasi aleNcwadi, kodwa akekho ongaYivula, kodwa leloWundlu elifanayo, sikhulekela ukuthi Lizosipha khona kulentambama, ukuthi Lizoza futhi lisivulele leliVangeli. Futhi lapho sesihamba kulentambama, nezinkonzo isivaliwe, kwangathi singasho, njengalabo ababevela e-Emawuse ngalolosuku, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?” Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

39 INkosi inibusise.

40 Futhi manje, nina enigcina amarekhodi omBhalo alapho esikhuluma ngakho, uma beningaphenya esahlukweni 22 sikaGenesisi nevesi 14:

> *U-Abrahama waqamba igama* le*ndawo ngokuthi uJehova-jira: njengoba kuthiwa* na*muhla, Entabeni yeNkosi kuyabonelelwa.*

41 *Jehova-Jira*. UNkulunkulu unayinhlanganisela ayisikhombisa, amaGama okuhlenga, futhi u*Jehova-jira* ungelokuqala laKhe, “iNkosi izohlinzeka ngomhlatshelo,” *Jehova-rafa*, “iNkosi ephulukisa zonke izifo zakho,” no*Jehova*-. . . “ibhanela lakho nesihlangu sakho,” kanjalonjalo. Unayizinhlanganisela ayisikhombisa, amaGama okuhlenga, nalawomaGama awahlukaniseki.

42 Ubusuku, ngenkathi lesosithombe sithathwa, ninaso lapha manje, esidume umhlaba umhlaba jikelele, saleyoNsika yoMlilo eyayimi lapho engangikhona, ne. . . Basithatha kaningi, izikhathi eziningi, kodwa asivumanga ukuba sishicilelwe size sibe yiqiniso; njengobufakazi bokuphulukisa okuthile.

43 Niyaqaphela kwiChristian Business Men, incwadi encane enanikwa yona lapha, iChristian Business Men *Voice*, mayelana nabafileyo bevuswa na? Ngeke sakusho lokho ngaphandle uma kukhona isitifiketi esisayinwe ngudokotela. Niyabo? Futhi lokho kuzofanele kufakazelwe ngaphambi kokuba ungakubhala phansi, noma yini enjalo, ngoba akukho emthethweni ukwenza kanjalo. Ngakho, awu lezizinto ziyiqiniso.

44 Futhi manje, leyoNsika yoMlilo esesithombeni, ubusuku Eyathathwa ngabo kwakuse—seHouston, eSam Houston Coliseum. Besinababalelwa ezinkulungwaneni eziyisishiyagalombili eMusic Hall, futhi sawelela lapho

ngalobobusuku cishe nezinkulungwane ezingamashumi amathathu-nambili. Kodwa babengicelile, umfundisi oyiBaptisti, ukuba ngibambe inkulumo-mpikiswano naye ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Angibi nenkulumo-mpikiswano nabantu, angikholelwa ekuqophisaneni nabantu, iVangeli alenziwanga ukuba kuqophiswane ngalo.

45 O, ngenkathi ngiqala ukugcotshwa ebandleni leBaptisti, ngacabanga ukuthi ngangingumvikeli wokukholwa. Ngakho ngiyathola, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza." Ngakho, niyabo, ngani, u—u—uphikisana nabantu, ba—bahlezi ezindleleni zabo, kungenjalo bebengeke baphikisane, ngakho-ke, a—awubenzi nje babe ngcono.

46 Ngakho wayefuna ngithathe ubusuku obubodwa ukuba ngibe nenkulumo-mpikiswano. Bese kuthi-ke i—i*Houston Chronicle*, noma, ngikholwa ukuthi lelo kwakuyigama lephepha, abalibhala, futhi wafaka isikhangiso esikhokhelwayo phakathi lapho, futhi wathi wakhombisa ukuthi senziwe ngani, sasesaba ukubhekana neVangeli ngeZwi likaNkulunkulu.

47 Ngakho-ke uDkt. F. F. Bosworth, ngalesosikhathi wayesethi akabe neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, wenyukela lapho. Futhi izintatheli zazilindile, zasho engangizokusho ngakho, ngase ngithi, "Angiphikisani. Ngi . . . Lokho . . . Nginobusuku *obuningi kangaka* ukuba ngibe lapha, futhi nginobunye ubusuku obubili obusele, futhi kukhona amashumi ezinkulungwane zabantu lapha ukuba bakhulekelwe, kungani ngingamosha ubusuku nje komunye umgxeki na? Makaqhubeke, uJesu wathi, 'Bayekeni. Impumputhe ihola impumputhe, aziyikuwela emgodini na?'" Ngathi, "Nazi izinkulungwane okukholwayo, kungani uzenza isiwula ngongakukholwa," niyabo, "futhi uchithe sonke lesosikhathi na?"

48 UMfowethu Bosworth, angisoze ngakukhohlwa i . . . Usenkazimulweni namhlanje, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Futhi uDkt. Best wetabernakele leBaptisti lapho wayesanda kuphuma esikoleni, futhi cishe eneminyaka engamashumi amathathu ubudala, nazo zonke iziqu zakhe, kanjalonjalo. Futhi uMfowethu Bosworth wathi, "Awu, Mfowethu Branham, uma ungafuni ukukwenza, mangikwenze." Ngacabanga ngoKalebi omdala, "Mangithathe lentaba."

Ngathi, "Uma uthembisa ukuthi ngeke uphikisane."

Wathi, "Ngiyathembisa." Futhi washo wahamba.

49 Futhi lapha, ngosuku olulandelayo, kusobala niyazi ukuthi amaphepha angakudlala kanjani, "Uboya bobufundisi buzondiza." Ngakho-ke lokho kwadonsa iqembu elikhulu.

50 Futhi lokho ngesinye isikhathi, bazalwane, lapho engathola khona ukuthi onke amaPentecostal ayoba nhliziyonye,

ngoluny'usuku. Angikhathali ukuthi mangaki amakameli anesifumbu ababewagibele, oyedwa, ababili, abathathu, abane, bonke babelapho, ngoba into eyodwa efanayo, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwakusengozini, futhi bonke bayakukholwa lokho. Yebo, mnumzane. Futhi babelapha bonke.

51 Futhi ngalobobusuku ngenkathi uDkt. Best esukuma, wayefuna uMfowethu Bosworth ukuba eze kuqala. Futhi uMfowethu Bosworth wathi, "Nginemibuzo engamakhulu ayisithupha ebhalwe lapha ephepheni. Dokotela Best, lemibuzo iyakufakazisa ukuthi isimo sokuziphatha sikaKristu, namhlanje, kwabagulayo, sinjengoba kwakunjalo nje ngenkathi Wayelapha emhlabeni. Uma ungathatha owodwa walemibuzo futhi uwufakazise ungenjalo ngeBhayibheli, khona-ke ngizoya ngale bese ngihlala phansi, futhi—futhi sizobiza inkulumo-mpikiswano ingeyakho." Leso yisitatimende esibanzi impela, kodwa yena, lowomfana wayazi ukuthi angazilulazi ngalowomfo.

O, wathi—wathi, "Ngizokunakekela lokho lapho ngifika phezulu lapho, ngizokunakekela lokho lapho ngifika lapho."

52 Wathi, "Manje-ke, Mnu. Best," wabuza umongameli, wathi, "Ngizokubuza umbuzo owodwa, uphendule, *yebo*, noma, *qhabo*, futhi ngizohlala phansi, uma nje nizothi, *yebo*, noma *qhabo*."

Futhi, umongameli, wathi uzokwenza.

53 Wathi, "Ngabe ayinhlanganisela ayisikhombisa, amaGama kaJehova okuhlenga asebenza kuJesu, *yebo*, noma *qhabo* na?" O, he!

54 Manje, ngangingafanele ngibe lapho, kodwa ngangihlezi phezulu phakathi cishe kuvulandi osesitezi weshumi phezulu lapho, ndawondawo, ngiphakamise ibhantshi lami, amaphoyisa amabili emi ngaphezu kwami *kanjalo*, nomfowethu, nonkosikazi, nendodakazi yami encane, behlezi lapho. Ngiyakutshela, ngezwa uhlevane lugijima! Angikaze ngicabange ngalokho ngaphambili empilweni yami. Akakwazanga ukuphendula lowo. Niyabo?

55 Uma inhlanganisela, amaGama kaJehova okuhlenga lingasetshenziswanga kuJesu, Wayengesuye uJehova-Jira, "uMhlatshelo ohlinzekwe yiNkosi," Wayengesuye uMsindisi. Qhabo, mnumzane. Futhi uma kwakusetshenziswe kuYe, khona-ke UnguJehova-Rafa ngokufanayo nje njengoba EnguJehova-Jira, ngoba amaGama awehlukaniseki. UJehova, uMphulukisi, ngokufanayo njengoba EnguMsindisi, lokho kwakuxazulula. O!

Wayesesukuma-ke, wayesethi, "Ngizonakekela . . ." Akamphendulanga ngo *yebo*, noma *qhabo*, ngakho akakwazanga ukumphendula.

56 Ngakho ngacabanga, "Iqhawe, lelokhehla limi lapho!" Ngakho-ke wenyukela lapho, wayese-ke eshumayela intshumayelo enhle ngempela yabakaCampbell. Ngathunduzelwa embhedeni weBaptisti, ngiyazi ukuthi bakholwani. Ngakho akazange ashumayele imfundiso yeBaptisti, washumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Ubungakudinga kanjani ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu esikhathini seminyaka eyiNkulungwane lapho benomzimba okhazimulisiweyo na? O, lokho a—akwenzayo. . .Bayozama kanjani abantu ukucubungula imiBhalo ngoba nje abaYazi, noma, bangeke bavumele uMoya oNgcwele ubaholele kukho! Kunjalo.

57 Ngakho manje-ke, lapho eseqedile, wathi ku, wayenabanye abathwebuli bezithombe baseDouglas Studios, wathi, "Ngifuna uthathe izithombe zami eziyisithupha." Wathi—wathi, "Ngizolihlinza lelokhehla, uBosworth, bese ngiphanyeka isikhumba sakhe emnyango wami wokutadisha, kube yisikhumbuzo ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu." Lesosimo sokuziphatha sakhombisa ukuthi kwakukhona into eyayishoda phansi *lapha* kumfowethu ongumKristu. Kodwa iNkosi iyisiVikelo sethu.

Futhi wathatha inqindi yakhe *kanje*, wathi, "Manje, kuthathe *kanje*." Base bekuthatha. Bathatha izithombe eziyisithupha.

58 Manje, lapho ngifika emsamo, uma niqaphela, uma beqala ukuthatha, abayikubavumela bathathe izithombe kwi-akhawunti, uku—ukuKhanya engikubhekayo ngukukhanya, Kungukukhanya, futhi.

59 Ngakho-ke, futhi ngakho—ngakho emva kwesikhashana, wathi, Mnu. Best, babenechibi ngaleyonkathi, ngakho-ke wathi, "Akukho-muntu okholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kodwa isigejane sabagingqiki abangcwele." Futhi wathi, "Akukho-muntu ongakholwa into enjengaleyo."

UMnu. Bosworth wathi, "Mnu. Best, ngi—ngiyaxolisa, onke amabandla akholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu uma elikholwa iBhayibheli."

Wathi, "Awu," wathi, "i—iBaptisti elungileyo ingeke iyikholwe into enjengaleyo."

Wathi, "Umzuzwana nje, Mnu. Best."

Wathi kumongameli, "Ngingayithola imayikhi umzuzu na?" Wathi wayengayithola.

60 Wathi, "Bonke abantu kulelihholo elikhulu," cishe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nambili, wathi, "nonke nina bantu phakathi lapha ongowamabandla

amaBaptisti, nalababefundisi beBaptisti behlezi lapha, lowo ongamalunga alamabandla amaBaptisti angakhombisa ngesitifiketi ukuthi uphulukiswe ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu selokhu uMfowethu Branham elapha, yima ngezinyawo zakho." Futhi amakhulu amathathu nento asukuma.

Wathi, "Uthini ngalokho na?"

61 Wahlala lapho, wayesethi-ke, "Mkhipheni lowomphulukisi, mangimbone enza. Ake. . .Letha ngaph-. . .Ake ngimbone, akakwazi ukungithwebula," kanjalo. Futhi waqala ukusuka emsamo, wathi, "Ake ngimbone enza."

Wathi, "Ngiyakudabukela, Mnu. Best! Awufanele ukusho lokho."

Ngakho, waqala esuka emsamo.

62 Futhi wathi, "Manje, ngiyazi uMfowethu Branham ulapha." Wathi, "Uma efuna ukukhulula izethameli, kulungile," wathi, "uma ufuna." Wayazi ukuthi ngangikuphi, ngakho, wayengibonile. Ngakho ngathi. . .Ngi. . .Yena. . .Futhi ngavele ngahlala ngathula du. Futhi ngakho, wathi, "Mfowethu Branham, ngiyazi ungilalele, uma ufuna ukuza," futhi wonke umuntu wayeqalaza, wathi, "ufuna ukuza," wathi, "ungeza futhi ukhiphe izethameli." Futhi ngavele ngahlala ngathula du.

Futhi emva kwesikhashana ngi. . .umfowethu ehlezi lapho, wathi, "Hlala uthule."

Ngathi, "Angihlezi ngithule na?"

63 Ngakho khona-ke, cishe ngalesosikhathi, ngezwa *Okuthize*, ngabheka phezulu, futhi kwakukhona lokho kuKhanya kulenga ngaphezu kwami, ngasukuma ukuba ngehle.

Umkami, ehlezi emuva lapho, wathi kuHoward, umfowethu, wathi, "Ungakwenzi! Hlala lapho. *Na*Kho."

64 Ngakho cishe abangenisi abangamakhulu amahlanu bahlanganisa izandla zabo, nabantu, izingane ezincane zizama ukuthinta okwakho. . .niyazi ukuthi kunjani, futhi ngakho, kuyadabukisa. Futhi lapho sehlela emsamo, ngathi, "Manje, uma kuyimibono ebuzwayo, ukuthunywa kwami okuvela kuNkulunkulu. . ." Ngathi, "UMnu. Best wathi nganingumphulukisi."

Futhi khona-ke ugijimela emsamo, uthi, "Njengendoda, ngiyakwazisa, kodwa njengasemfundisweni kubolile."

65 Ngathi, "Ngingadlulisa izincomo ezifanayo." Futhi ngakho-ke, sivele nje. . .Waqhubeka. Futhi—futhi ngakho si. . .Wahlala phansi. Ngathi, "Akekho ocabanga okubi ngendoda manje, ingumMelikana, inelungelo, lokho ngukuthi," iMpi yaseKorea yayiqhubeka ngaleyonkathi, ngathi, "yena, yilokho abafana

bethu abalwa nakho, inkululeko yenkolo." Ngathi, "Kodwa nje siyaphikisana ngemiBhalo. Kodwa mhlawumbe. . . "

66 Ngathi, "Bengicabanga ukuthi ubeqotho waze wazama ukubaphanga labobantu lapho, one. . .Wathi wabadabukela belele lapho kuleyomibhede eyizinhlaka, futhi manje uzama ukubaphuca lona kuphela ithemba abasele nalo, odokotela usebayekile. Futhi kukhona amakhulu ahlezi lapho, eliphulukisiwe emavikini amabili edlule, lapha. Futhi lapha, lababantu, bezama ukubaphanga ethembeni kuphela abanalo, ukwenza uhlobo oluthize lokungabaza, imfundiso engububhimbi ukuba ilunge." Ngathi, "Angicabangi ukuthi uqotho, ubengeke, ekwenzeni lokho."

67 Ngakho manje-ke ngathi, "Kodwa ngiyakhuluma, ngingumuntu nje, kodwa ukuthunywa, uNkulunkulu uzokuqinisekisa lokho." Futhi akungaphezu kokuba ngisho lokho, nakhu Kufika, kuzungeza phansi *kanjalo*. Abantu baqala ukuquleka, bedazuluka, nakho konke. Bathathe isithombe sakho.

68 UMnu. Ayers, lowo owakuthatha kwakuyiKatolika, kubonakala kuxakile, kodwa wayesebenza nendoda, iJuda, eligama linguKipperman. Futhi ngenkathi bebonile. . . Wathatha elilodwa laphaya, futhi wafaka ama-asidi phakathi, futhi wahlola, wakhipha izithunzi zezithombe, futhi zonke lezozithombe noMnu. Best enyakazisa inqindi yakhe ngaphansi kwalelokhala lekhehla elingcwele, zonke zazingenalutho, azithathanga nhlobo, uNkulunkulu wayengeke azivumele ukuba zithathwe, kodwa ngenkathi beshutha isithombe, kwakukhona iNgelosi yeNkosi imi lapho.

69 Bakuthatha ngaphambili, ukukuthumela lapha eWashington, DC, futhi baba nelungelo lobunikazi, babuya naso, futhi wabiza uGeorge J. Lacy, uyinhloko ye-FBI emilobeni yeminwe nephepha. Futhi basithatha futhi basihlola cishe izinsuku ezinhlanu, futhi sahlangana esakhiweni iHouston Shell lapho.

Futhi—futhi ngakho bathi, "UBranham igama likabani na?"

Futhi ngamtshela elami, ngase ngisukuma.

Wathi, "Uzodlula ekuphileni njengabo bonke abantu."

Ngathi, "Ngi. . .ngiyakwazi lokho."

70 "Kodwa," wathi, "inqobo nje uma kusekhona impucuko yamaKristu, lesisithombe asisoze safa." Wathi, "Kushiwo ngumzenzisi omdala," wayeqonde ongakholwayo, wathi, "ukuthi okungaphezu kwemvelo akusoze kwafakazelwa ngokwesayense." Wathi, "Mnu. Branham, ngithe kwakuyisayense ephathelene nengqondo, ukuthi ubufunda imiqondo yabantu," wathi, "Kodwa, Mnu. Branham, iso lomshini laleyokhamera ngeke lathatha isayense ephathelene

nokusebenza kwengqondo, ukuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya." Kunjalo. Futhi ngakho, sekwenziwe izikhathi eziningi, eziningi kusukela ngaleyonkathi.

71 Iyini imvelo yaKho na? NguJesu. Bukani, bangaki okholwayo ukuthi uJesu Kristu wayeyiNgelosi yesiVumelwano, leyoNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli na? Uma ulikholwa iBhayibheli! Wathi, "NginguNGINGUYE." Ukuze, WayenguNGINGUYE.

72 Manje bhekisisani, Wayesemhlabeni, futhi Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? "Ngivela kuNkulunkulu, Ngiya kuNkulunkulu."

73 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka . . . Manje, bhekisisani ukuthi lokho kuKhanya kwenzani ngenkathi KukuJesu, isibonakaliso, ukuthi Wabuka kanjani ngaphandle, wayibona imicabango yabo, futhi wabatshela ukuthi babengobani, nokuthi ini, kanjalonjalo, efakazisa ukuthi WayenguMesiya. Manje, ngenkathi lokho, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, Wabuyela kuNkulunkulu uYise, noPawulu, esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, ukuKhanya okukhulu kwabaneka futhi kwamphuphuthekisa. Ngabe kunjalo na? Futhi Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu." Ngabe kunjalo na? Waya kuNkulunkulu; uvela kuNkulunkulu, futhi waya kuNkulunkulu.

74 UPetru, etilongweni ngalobobusuku, lokho kuKhanya kwangena etilongweni, kwavula iminyango phambi kwakhe, iNgelosi yeNkosi; futhi lowo njalo nguJesu Kristu, iNgelosi yesiVumelwano, kusobala.

75 Futhi manje, namhlanje, uma Kubuyiselwe emuva . . . Okokuqala kuwo wonke umlando wokuthwetshulwa kwezithombe futhi kwathathwa. IJalimane yabuza ukuthi babengasithatha yini.

76 Ngathi, "Mhlawumbe kunjalo." Abaningi benu nonke, mhlampe, ukubonile lokho kuqhamuka, lapho iJalimane yayimise khona ikhamera enkulu, futhi yathatha isithombe, Kwehla ngenkathi Kugcoba, oKwakukutshela umfo, ngangikhuluma naye, kwase kuthi-ke ngenkathi seKubuyela emuva.

77 BaSithatha eCalifornia lapha emavikini ambalwa edlule, esigqame kakhulu owake wasibona.

78 Kuyini na? Kufakazisa ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo uneBandla laKhe namhlanje, ehlala phakathi kwethu, eveza ukuPhila okufanayo okwakukuKristu kuseBandleni. Amen. Bengingangena kweyami . . . ngisuke entshumayelweni yami manje, anginjalo na?

79 *Jehova-Jira*, asithathe lokhu. Lokhu kunikwa u-Abrahama. Futhi ngizothi ukushaya izindawo eziphakeme zakho ukuze sibe sesiphumile lapha ngelesine nqo, uma kungenzeka manje. Futhi manje, ngifuna nilalelisise, ninginakisise.

80 *Jehova-jira*, "iNkosi Izozibonela umhlatshelo." Asibuyele emuva futhi sithole okuncane kuka-Abrahama; u-Abrahama kwaba nguye isithembiso esenziwa kuye. Futhi singasindiswa kuphela njengoba siba yiNzalo ka-Abrahama, ngoba u-Abrahama neNzalo yakhe kwaba nguye isithembiso anikwa sona. Ngabe kunjalo, bazalwane na? U-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe.

81 Manje, asibuyele kuGenesisi 12, ngibona abanye benu bekumaka phansi, uGenesisi 12, si—sihlangana no-Abrahama okokuqala. Futhi uNkulunkulu wabiza u-Abrahama, wayengumuntu ojwayelekile nje, wehla evela—evela embhoshongweni waseBabele noyise, wase ehlala emzini wamaKaledi, ezweni—izwe lamaKaledi, umuzi wase-Uri emathafeni, mhlampe wayephila impilo ejwayelekile.

82 Futhi wayeyindoda eneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala phambi kukaNkulunkulu, noma, eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze akhulume kuye. Manje, lokho kusinika thina bantu abadala isibindi esincane, akusiniki na? Amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, noSara wayengudadewabo uhhafu, futhi wayemshade ngenkathi cishe eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, futhi babengenabantwana. Owesifazane wayeyinyumba, owesilisa wayengazali, ngakho babengenabantwana.

83 Futhi yena owesifazane wayeneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala, futhi yena owesilisa wayenamashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Manje, eneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu uyobe eseneminyaka eyishumi nanhlanu esedlule ukuya esikhathini. Ngakho, waye—wayeyinyumba, futhi naye wayengazali. Khona-ke bona, yayingekho indlela yabo yokuba babe nabantwana, kodwa uNkulunkulu wahlangana naye, futhi wamtshela, futhi wambusisa, futhi wamnika isivumelwano, futhi wamtshela ukuthi wayezoba nomntwana ngoSara, futhi ngalowomntwana uyobusisa zonke izizwe, ngenzalo yakhe.

84 Manje, uma niqaphela, manje, ngizofanele ngingene kokuncanyana kokufundisa lapha manje, kodwa angiqondile ukwenza impikiswano, kodwa uma nizoqaphela ukuthi isivumelwano sanikwa u-Abrahama neNzalo yakhe. Manje, hhayi *izinzalo*, kodwa i*Nzalo* ka-Abrahama, iNzalo ka-Abrahama. NomBhalo uthi, "Thina esikuKristu siyiNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naye ngokwesithembiso."

85 Manje, uba kanjani yiNzalo ka-Abrahama na? Lapho uthatha uKristu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, yileyondlela kuphela ongaba yiNzalo ka-Abrahama, ngoba lokho kutshala kuwe ukukholwa u-Abrahama ayenakho.

86 Manje, u-Abrahama, abantu abaningi ucabanga ukuthi wayeyiJuda, wayengesilo, wayengoweZizwe. Kodwa manje, kodwa u-Abrahama futhi, asikusho kanyekanye, "U-Abrahama neNzalo yakhe." Isivumelwano senziwa nabo.

87 U-Abrahama neNzalo yakhe, ngakho ake sithi, "SiyiNzalo ka-Abrahama." Bangaki okuKristu na? Phakamisa isandla sakho. Manje-ke ngokwaleNcwadi ebusisiweyo niyiNzalo ka-Abrahama, futhi niyizindlalifa ngokuhlanganyela, futhi niyindlalifa kanye no-Abrahama yayo yonke imfuyo uNkulunkulu ayinika abantu. NiyiNzalo ka-Abrahama, khona-ke nifanele nibe nokukholwa kuka-Abrahama ukuze nibe yiNzalo ka-Abrahama. Niyakuthola na? O, ngethemba kanjalo.

88 Qaphelani manje, isivumelwano senziwa ku-Abrahama ngaphandle kombandela. Manje, Wenza isivumelwano no-Adamu, "Uma uzokwenza into ethize, Ngiyokwenza into ethize." Futhi umuntu njalo wephula isithembiso sakhe kuNkulunkulu, isivumelwano sakhe, njalo. Kodwa lesisivumelwano, niyasibona na? Sasingesika-Abrahama neNzalo yakhe ngokungenambandela. Hhayi ukuthi, "Uma uthanda." "Ngikwenzile!" Niyakuqaphela na? ENzalweni ka-Abrahama, hhayi ezweni elingaphandle manje, ku-Abrahama neNzalo yakhe isivumelwano sasingenambandela. Hhayi, "Uma uzo, ngizo," kodwa, "Sengivele, ngokwakho."

89 Ngakho-ke "Kufakazise kulentambama," uNkulunkulu akadingi ukuba ehle futhi enze okunye ukuhlinza ukuze uphulukiswe, Usevele uniphulukisile. *Ya*linyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphulukisi*we* thina. Usuvele uphulukisiwe, into kuphela ofanele uyenze ngukukwemukela nje. Uma nje ungafinyeleli phezulu futhi ukuthole, uyiNzalo ka-Abrahama, khona-ke uyakukholwa, futhi sekuvele kukhona. Ngakho, akukho—akukho kungabaza ngakho, sekuvele kulapho, kungokwakho. O, he! Ngifisa sengathi benginga . . . ngifisa ukuthi lokho bekungashaya umlilo, njengokuthela nje, ukuphosa umentshisi kwimpushana yesibhamu.

90 Bukani, niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Sekuvele kungokwakho, kungpkwakho, ngokuba uyiNzalo ka-Abrahama uma wemukele uMoya oNgcwele. Ubekwe uphawu, ufile, nokuphila kwakho kufihliwe kuKristu ngoNkulunkulu, ubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele. Kuze kube nini na? Kuze kube yimvuselelo elandelayo na? Kuze kube lusuku lokuhlengwa kwakho. Kwabase-Efesu 4:30, "Ningamdabukisi

uMoya oNgcwele, enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu."

91 Ngaphambi kokuba imoto ibekwe uphawu, inqola yesitimela, nje yonke into izofanele ilingane lapho kahle futhi iqine, yingalesosizathu abaningi kangaka bengawutholi uMoya oNgcwele, baxega kakhulu. Njengokhozi luthatha abantwanyana balo, luphephetha zonke izimpaphe ezixegayo ziphume lapho, ngaphambi kokuba lumkhuphulele lapho, kungenjalo uyophuka intamo. Niyabo?

92 Manje-ke, igwababa alisoze landiza nokhozi. UNkulunkulu ufanisa abaprofethi baKhe nokhozi; Ulukhozi qobo lwaKhe. Igwababa alisoze landiza, lilandele ukhozi. O, uma uklebe ubungakuzama, ubuyohlakazeka emoyeni. Awu, impela, ukhozi luyinyoni eyenziwe ngokukhethekile, ngakho lufanele lube nezimpaphe ezikhethekile, namehlo akhethekile ukukhwela phezulu, phezulu le, le ngaphezu kwanoma yini enye. Yileyondlela abantu bakaNkulunkulu abenza ngayo, amachwane okhozi kaNkulunkulu, akhwela le, futhi azi ukuthi ayiNzalo ka-Abrahama, akholwe noma yini, akunandaba ukuthi izimo ziyini, akude nomhlaba, aphezulu le phezulu emikhathini.

> O, ngiphakamise ngaphezu kwamathunzi,
> Ngiphe inhlanganyelo naWe; (Kunjalo.)
>
> Utshale izinyawo zami ezindaweni eziphakeme.
>
> Ngiphakamise, Nkosi, mangime,
> Ngokukholwa, ezweni letafula laseZulwini.
> Indiza ephakeme kunaleyo engiyitholile;
> Nkosi, phakamisa izinyawo zami ziye emhlabathini ophakeme. (Phezulu le.)

93 U-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe, isivumelwano ngokoqobo sasingenambandela kubo bobabili u-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe. Manje, lokho kuyamangalisa.

94 Manje, wakwenza, wenzani u-Abrahama na? U-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu. Manje, Uzokwenza kanjani, futhi yena u. . .? Manje useneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, futhi uzoba kanjani nalengane ngowakhe. . .? Umkakhe manje uneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala. Futhi ungathini nje, izithandani ezindala kanjalo zehlela kudokotela futhi zithi, "Dokotela, ngifuna wenze igumbi esibhedlela, umkami uzoba nengane"?

"Uneminyaka emingaki ubudala, mnumzane na?"

"Nginamashumi ayisikhombisa-nanhlanu."

"Uneminyaka emingaki yena owesifazane na?"

"Amashumi ayisithupha-nanhlanu."

"Umfo omdala bandla." Niyabo?

95 Awu, noma yimuphi umuntu oke athathe uNkulunkulu ngeZwi laKhe, bayosho into efanayo ngawe. "Ngokuba bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa," uJesu washo njalo. Manje, aniqondwa kahle ngoba laba bangamaMelikana, amaJalimane, iSwitzerland, kodwa nivela eZulwini. Nizalwe phezulu lapho, ngakho-ke uyakukholwa okwashiwo nguNkulunkulu.

96 Manje, qaphelani lokhu: Ungathini nje lezozithandani ezindala, njengoba ngiphinda futhi ngokuthi, u-Abrahama wathi, "Sara," emva kwezinsuku zokuqala ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, uyazi, "uzizwa unjani, S'thandwa na?"

"S'thandwa, awukho nomncane umehluko."

97 "Udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani." Kunjalo. "Lungisa amabhuzu amancane, thola ingubo emagqabhagqhabha, nophini, futhi ulungise yonke into, sizoba nayo."

"Wazi kanjani na? Abrahama, usho ukuthini ngalokho na?"

"UNkulunkulu washo njalo, lokho kwanele, yilokho—yilokho kuphela engidinga ukukwazi. UNkulunkulu washo njalo."

Awu, unyaka wedlula, "S'thandwa, kukhona okwehlukile na?"

"Lutho nakancane."

"Udumo kuNkulunkulu, kuyisimangaliso esikhulu ngokwedlulele manje, sekungunyaka kamuva."

98 Emva kwesikhashana, kwadlula iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu; iBhayibheli lathi waya ngokuqina kakhulu. Futhi sithi siyiNzalo ka-Abrahama, siyakhulekelwa, futhi ngosuku olulandelayo, "Uzizwa unjani na?"

"Angi, ngiqagele angikutholanga, angizizwa ngingcono." INzalo ka-Abrahama! O, he! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? INzalo ka-Abrahama iyingcosana.

99 INzalo ka-Abrahama, manje, masingasho into ethize ngaphandle uma sinayo ngempela, niyabo, iNzalo ka-Abrahama. Lapho iNzalo ka-Abrahama ibamba isithembiso sikaNkulunkulu, Ilapho ukuba ihlale, akunandaba ukuthi kwenzekani, akukho lutho olungasoze lubanyakazise. Futhi lapho silibala, baya ngokuqina.

100 Futhi wayelokhu enika uNkulunkulu udumo olukhulu ngaso sonke isikhathi. Emva kweminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, manje useneminyaka eyikhulu ubudala, futhi yena owesifazane unamashumi ayisishiyagalolunye, "Uzizwa unjani, S'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Kodwa udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani. Nje susa uthuli emabhuzwini nezinto, nayo yonke into, iyeza."

"Wazi kanjani na?"

"UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu wangitshela kanjalo, yilokho kuphela."

101 Manje, ingaleyondlela iNzalo ka-Abrahama. Uma niyizindlalifa zika-Abrahama, ninalolohlobo lokukholwa. Ngabe uyiNzalo ka-Abrahama na? Asithi, "Amen." Impela, siyiNzalo ka-Abrahama, impela, siyiyo. Nkulunkulu siza ukungakholwa kwethu. Kunjalo.

102 Manje, yonke into isimi ngomumo, ikulungiselela. Manje, lokho kwakusesahlukweni 12 sikaGenesisi. Manje, esahlukweni 15 sikaGenesisi uNkulunkulu wasiqinisa lesisivumelwano naye. Manje, cishe sekuyiminyaka eminingi kamuva, ngakho ngoluny'usuku uNkulunkulu wayekhuluma no-Abrahama, futhi Wathi, "Abrahama, Ngizoqinisa lokhu, Ngizo—Ngizokunika isibonakaliso." UNkulunkulu njalo unikeza izibonakaliso.

103 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, bayoxhawulana nomelusi, futhi bafake igama labo encwadini." Lokho kungahle kube kwi-almanaki, kodwa hhayi eBhayibhelini. Niyabo? Kunjalo. Ya.

104 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bayakukhuluma ngezilimi ezintsha, uma bephatha inyoka, noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza, uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusinda." Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.

105 Lokho, izandla zibekwe phezu kwalelokholwa, lelokholwa lithi, "Amen! NgiyiNzalo ka-Abrahama. Ngiyakukholwa." Khona-ke yena, usebenza kahle, kuyafezeka. Manje, lezizibonakaliso . . .

Futhi u-Abrahama wathi kuNkulunkulu, "Ngizokwazi kanjani lokhu na?"

Wathi, "Abrahama, hamba uNgithothele imbuzi yesikazi, nesithole, nenqama, wenze umhlatshelo."

106 Futhi u-Abrahama wazihlukanisa, wazibulala, wazihlukanisa, wathatha ihobhe nejuba eliselincane, futhi wakuphosa phakathi, futhi wenza u—futhi wenza u—umhlatshelo eNkosini. Futhi lapho esekwenzile, walinda lapho, futhi wavimba izinyoni e—ekudleni ilanga laze lashona, futhi lapho ilanga selishona, nakho kufika okukhulu, ubuthongo obunzima phezu kuka-Abrahama.

107 Lobo buthongo buyilobo buthongo baPhakade, kwakhulunywa ngakho, bonke abantu bafanele bafe. Nokwesabeka okwesabekayo kobumnyama phambi kwakhe,

lapho, isithando somlilo esishunqayo, lapho. . . Wonke umuntu ozelwe kulelizwe uza ezweni ebunjwe ebubini, ufika emhlabeni ekhuluma amanga, umqambimanga, ongamesabi uNkulunkulu, ongakholwayo, masinya nje lapho esezelwe.

108 Ngakho asi, siyazalwa, asinalo ngisho nethuba nakho, ngaphandle kweGazi likaJesu Kristu. Futhi khona-ke, lesosihogo sisifanele sonke. Kodwa ngaleya kwalokho kwahamba okuncane, ukuKhanya okumhlophe, okwangena phakathi kwalezizingcezu ezihlukanisiwe zomhlatshelo.

109 Manje, ukuba besinesikhathi, bengingathanda ukunitshela ukuthi ngakunye kwalokho kwakumeleni, imbuzi yesikazi, nenqama, nesithole. Futhi niqaphelile, akawehlukanisanga amahobhe amabili na? Amele ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, niyabo. Ngakho, akazange awehlukanise, akazange awasike awahlukanise.

110 Kodwa lapho lokhu kuKhanya okuncane kwahamba phakathi kwalokho, lawo amabili, Wayeqinisa isivumelwano ku-Abrahama, ukuthi Wayezokwenzani ngaye neNzalo yakhe, nokuthi iNzalo yayizofika kanjani, nokuthi Wayezosigcina kanjani isithembiso saKhe; kwakuyinkontileka esayiniwe. Manje, Wayeqonde ukuthini na?

111 Manje, sithatha lapha eMelika, uma bengizosho lowo—lowoMfowethu lapha, omunye walaba bafowethu nami sasizokwenza i—inkontileka noma imvumelwano, isivumelwano siyimvumelwano, uma besizokwenza isivumelwano omunye nomunye, besiyohlala phansi futhi sikuxoxe omunye nomunye, mhlawumbe sibhale inkontileka yethu, noma ngabe bekuyini, sidle ukudla ndawonye, futhi besiyoxhawulana, sithi, "Yibeke *lapha*. Si—si—siyavuma ukwenza lokhu." Leso yisivumelwano eMelika.

112 Manje, ukuba sasiseJapani, isivumelwano eJapani, benza imvumelwano, bese-ke bethola usawoti bese bephosa usawoti komunye nomunye. Lelo yisiko eJapani, ukwenza isivumelwano.

113 Kodwa ngezinsuku zika-Abrahama emazweni asempumalanga, ukuthi basenza kanjani isivumelwano, basika i, babulala isilwane, base besisika basihlukanise, base-ke bebhala imvumelwano yabo ngaleli—leliphepha lesikhumba, noma, isikhumba sabo sewundlu, bese-ke bema phakathi lapho futhi bathathe isifungo ngalomhlatshelo wesilwane esifile, uma oyedwa eke wasephula, kwangathi umzimba wabo ungaba njengalowomzimba wesilwane ophukile. Bese-ke bedabula lesi basehlukanise, indoda eyodwa ithathe isiqephu esisodwa, bese enye esinye. Futhi lapho lowombhalo wawukhona, awusoze wahlangana okwesisila sejuba, ngaphandle uma lesisiqephu esifanayo sibuya ukukuhlanganisa futhi. Ngoba lapho kudabuka, kuklebhuka emuva naphambili, kanjalonjalo,

lapho kudabuka kulesosikhumba sewundlu, lapho umbhalo ukhona.

114 Bese-ke begcina lokho, bese kuthi-ke indlela kuphela lesisivumelwano esigcinwa ngayo yilapho, okwenziwa kufezeke kungenkathi sebebuya, uphisi ngamunye waleliphepha lesikhumba ufanele uhlangane ndawonye, uhlangane okwesisila sejuba ngokuphelele ukwenza isivumelwano sifane impela nje.

Manje, wena uthi, "Wayenzani uNkulunkulu lapho-ke, Mfowethu Branham na?"

115 Nakhu Ayekukhombisa ngeNzalo ka-Abrahama: u-Abrahama wathi, "Ngihamba ngingenamntwana," isahluko 15 sikaGenesisi, "futhi anginayo indlalifa, futhi lowo ngu-Eliyeza waseDamaseku."

116 Wathi, "Ngeke kube nguye. Kodwa isivumelwano, lowo engenza isivumelwano ngaye, uphuma ezibilini zakho uqobo. Kuyoba ngawe noSara," ngamany'amazwi, "yilowo eNgizokwenza." Futhi manje khumbulani, useyindoda endala ngempela.

117 Manje, Wayekhombisani na? Ukuthi ngo-Abrahama kufika othenjisiwe, u-Isaka; futhi ngo-Isaka kufika uJesu. Futhi ngoJesu, u-Isaka wayenguyise ka-Israyeli kuphela, kodwa ngoJesu unguyise wazo zonke izizwe, yonke iNzalo ka-Abrahama. Futhi Wakuqinisekisa kanjani na? Ekhombisa ukuthi Wayezokwenzani ngomhlatshelo.

118 Manje, uJesu waba yilowoMhlatshelo. Futhi Waya eKalvari, noNkulunkulu waMdabula eKalvari, wadabula uMphefumulo waKhe noMoya emzimbeni waKhe, futhi wavusa umzimba waKhe ngosuku lwesithathu, futhi wawubeka ngakwesokunene saKhe uQobo, futhi wathumela emuva uMoya ofanayo owawuphezu kwaKhe ukusebenza eBandleni laKhe ukubiza iNzalo ka-Abrahama. Anikuboni, ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Leso yisiqinisekiso, sikuqinisa.

119 Manje, ibandla elizisho ukuthi liyibandla lamaKristu, lizofanele libe nalowoMoya ofanayo owawukuJesu Kristu, ngokuba ekuvukeni kweBandla, uKristu noMlobokazi waKhe bayohlangana ndawonye futhi bahlangane okwesisila sejuba, imibhalo nezithembiso zikaNkulunkulu ziyogcwaliseka lapho. Ngakho ngeke kwahlangana ngaphandle uma uMoya ofanayo owawukuKristu ukini nami. Bese kuthi-ke uma lowoMoya ofanayo uphakathi lapho, Uyokwenza imisebenzi efanayo, futhi uphile uhlobo olufanayo lwempilo ehlukanisiwe, futhi wenze imisebenzi Ayenza. IBhayibheli lasho njalo, yonke indlela kuGenesisi iyakuqinisa, uGenesisi yisahluko sembewu. U*Genesisi* kusho "ukuqala." Nakhu kuqinisa.

120 Bekungeke yini lokho kusenze sijabule sonke na? Lokho bekungeke yini kwenze isoni...? Bekufanele kushaqise. Bekufanele kwenze ilunga lebandla lize kuKristu futhi lihlale

lize ligcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Yisona sithembiso kuphela soHlwitho, indlela kuphela iBandla noKristu abangahlangana ngayo ndawonye, wona impela uMoya.

121 Ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu waKhe wokuqala ensimini yase-Edene, niqaphelile, Wamenza kokubili owesilisa nowesifazane? Wayengumuntu, enziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu, uMoya, Wamfaka enyameni, uGenesisi isahluko esilandelayo, emva kokuba Esevele emenzile, owesilisa nowesifazane. Futhi kwakulokhu kungekho-muntu wokulima umhlabathi, ngakho-ke Wadala umuntu ngothuli lomhlabathi, hhayi ngomfanekiso waKhe.

122 Kodwa khona-ke uNkulunkulu wehla esimweni somuntu ngoJesu Kristu, ukuba ahlenge umuntu, owawa, ngomfanekiso womhlaba, futhi Wenziwa ngomfanekiso womhlaba. O Nkulunkulu! Aniboni ukuthi iVangeli lichaza ukuthini na? Ngenkathi uNkulunkulu eba ngumuntu ngakho umuntu waba nguNkulunkulu, singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

123 Manje, lomuntu wokuqala, u-Adamu, mbuke, emoyeni wayeyikho kokubili ubufazane nobudoda. Futhi khona-ke wenziwa inyama, futhi wayengenamsizi. Khona-ke uNkulunkulu. . . Owesifazane akekho kokudaliweyo kwasekuqaleni kukaNkulunkulu, ungumkhiqizo ovele kamuva wendoda. Ngakho, ukubenza babemunye, ukukhombisa ukuthi Wenzani, Wavula uhlangothi luka-Adamu, futhi wathatha ingxenye yenyama ka-Adamu, ukuze bangahlukaniswa, babeyoba munye, futhi wathatha ingxenye yomoya ka-Adamu, ingxenye yenyama ka-Adamu, wasusa umoya wobufazane ku-Adamu futhi wenza u-Eva.

124 Futhi lapho ubona owesifazane, indlela abanye besifazane bakithi besimodeni, ukugunda izinwele njengabesilisa, bebhema njengabesilisa, bathuke njengabesilisa, ubona owesifazane ofuna ukuba nobudoda, kukhona impendukezelo lapho, ndawondawo. Futhi lapho ubona indoda esasitabane ne, kubukeka njengedada lihlezi ngemuva kwekhanda layo, nokunye nokunye kanjalo, futhi ifuna ukugqoka izingubo zabesifazane ngaso sonke isikhathi, kukhona into ephendukezelwe lapho, ndawondawo. UNkulunkulu wenza abesilisa ukuba babe ngabesilisa, nabesifazane babe ngabesifazane. IBhayibheli lasho. . .

125 Ngolunye usuku ngangikhuluma ngokumelene nabesifazane abagqoka izikhindi, futhi owesifazane wathi kimi, "Angizigqoki."

Ngathi, "Yini leyo oyigqokile na?"

Wathi. . . Ziyini lezozinto na? Amaphedali phushasi, noma ngabe kwakuyini, kanjalo. Ngathi. . . Qhabo, odangala.

Ngathi, "Ku. . .Lokho kubi kakhulu kunanini! IBhayibheli lathi kuyisinengiso ukuba owesifazane agqoke ingubo engeyowesilisa." Kunjalo.

126 Enhla eKlamath Falls, maduze nje, inenekazi langibhalela enkulu, incwadi ende, lathi, "Uthini ngowesifazane, manjeke, ephuma egibele amahhashi endaweni egcwele umiyane, phandle lapho egibele, eqoqa izinkomo na? Ucabangani ngaye egqoke ingubo phandle lapho na? Noma lapho esengadini, lapho ezogoba futhi adonse izinto engadini na?"

127 Ngathi, "Umama wami nomkami bobabili bagqoka izingubo, futhi abananinkinga ngazo. Bazigqoka isikhathi eside ngokwanele lapho bekhothama, yilokho kuphela." Ngase ngithi, "Enye into, phezulu, phandle lapho ehhashini, egibele ihhashi, owesifazane akanamsebenzi phandle lapho."

128 Yilokho incithakalo yesizwe sakithi namhlanje, ngabesifazane bazama futhi bathathe imisebenzi yabesilisa. Uzama ukuba yindoda, nendoda ifuna ukuba ngowesifazane, uNkulunkulu wabenza behluka. Kunjalo. Akanamsebenzi wokuba kanjalo, uphumile esigabeni sakhe, nendoda iphumile esigabeni sayo. O, he! Yima, iwashi!

129 Qaphelani, uNkulunkulu wabenza behluka. Futhi Wenza isivumelwano no-Adamu, Wenza isivumelwano no-Eva. Kodwa niyabo, Wabenza baba-munye, abasebabili, kodwa bamunye. Manje, linjalo iBandla noKristu.

130 UNkulunkulu akazange athi nje hamba wenze inhlangano ebizwa ngo*Kuthi-nokuthi*, noma uhambe ubafundise *lokhu*, Wathatha iNdodana yaKhe uQobo, futhi enhliziyweni yaKhe, imisuka emithathu yavela emzimbeni waKhe. Ngiyaxolisa, bodadewethu, ngifuna ukwenza iphuzu. Ekuzalweni kwemvelo, yini into yokuqala eyenzekayo ekuzalweni okwejwayelekile na? Amanzi. Okulandelayo, igazi. Yini elandelayo na? Ukuphila. Leyo yinto efanayo eyenza ukuzalwa okusha. Kwakuyini into eyaphuma ohlangothini lukaJesu na? Amanzi, iGazi, futhi "Ezandleni zaKho Ngiyawubeka uMoya waMi."

UJohane oNgcwele, noma, uJohane wokuQala 5:7 wathi:

> *. . .bathathu abafakazayo ezulwini, uYise, iZwi,* (OkuyiNdodana.) *noMoya oNgcwele:. . .laba abathathu bamunye.*

131 Ungeke waba noYise ngaphandle kokuba neNdodana, ungeke waba neNdodana ngaphandle kokuba noMoya oNgcwele, "Laba abathathu baMunye."

> *Futhi bathathu abafakazayo emhlabeni*, amanzi, igazi, noMoya: abamunye, kodwa *bavumelana entweni yinye.*

132 Ungalungisiswa ngaphandle kokungcweliswa, ungangcweliswa ngaphandle kokwemukela uMoya oNgcwele. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? ULuther washumayela

ukulungisiswa, uWesley wayenokungcweliswa, iPhentekoste, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Njengembewu nje etshaliwe: uhlanga, intshakaza, isikhwebu, yonke into ezweni ifanekisa ngqo kukho. Kunjalo.

133 Manje, uNkulunkulu wadabula uKristu, wathumela uMoya waKhe phansi, obizwa ngoMoya oNgcwele, "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona, ngokuba Ngi," *Ngi* yisabizwana somuntu, "ngiyoba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe," hhayi nje phansi okonyaka othize, kodwa kuze kube sekupheleni kwezwe.

134 "Hambani niye ezweni lonke." Zizolandela isikhathi eside kangakanani lezizibonakaliso na? Lonke izwe, uMarku 16, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." Akukaze kwenzeke okwamanje. Ziyolandela isikhathi eside kangakanani lezizibonakaliso na? Kuze kuphele. "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli, konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakuzilandela izidalwa ezikholwayo." Niyakuthola na?

135 Manje qaphelani, leso kwakuyisahluko 15, manje asiye esahlukweni 17. Manje, uNkulunkulu wabonakala ku-Abrahama kwelinye iGama, 17 isahluko Wabonakala kuye eGameni lika *El Shaddai* igama lesiHeberu, uNkulunkulu uSomandla, u*El Shaddai*. Manje, *shad*, kusho "ibele" njengomama, owesifazane; *shaddai* usebuningini, "onamabele."

136 Manje, Wayenzani ngo-Abrahama lapha na? Manje, Wayemnike isivumelwano kuGenesisi 12, ngaphandle kombandela; UGenesisi 15, Wakuqinisa kuye, Ayezokwenza, nokuthi Wayezokwenza kanjani; manje kuGenesisi 17 u-Abrahama manje useneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye ubudala, uneminyaka eyikhulu impela, lokho bekuyokwenza uSara abe namashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye.

137 Manje, iBhayibheli lasho ukuthi umzimba wakhe wawusufana nofile; isizalo sikaSara sasifile. Kodwa Wabonakala kuye eGameni lika *El-Shaddai*, "Onamabele," ngangokuthi, "Abrahama, NginguNkulunkulu onamabele," hhayi *ibele*, *onamabele*, amabili awo. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphulukisiwe thina," iTestamente eLisha neLidala.

138 Ngamany'amazwi, lapho ingane encane itetema futhi igula, umama uqukula umfo omncane bese embeka ebeleni lakhe, nengane encane idonsa amandla ayo kumama.

139 "Futhi cishe, Abrahama usumdala, usuneminyaka eyikhulu ubudala, namandla akho awasekho, kodwa NginguYe owenza isithembiso, NgiyiBele lakho, ncika nje esithembisweni saMi futhi uqhubeke nokuncela."

140 Futhi enye into, ingane yenelisekile inqobo nje uma incela kunina, umfo omncane akasatetemi, ngokushesha nje lapho eseyoncela unina, wenelisekile. Futhi UnguMenelisi, Onamandla, uMondli, uMnikezeli wamandla. Ingane encane ilala phezu kwebele likanina, yenelisekile, izincelela ibuyele emandleni nempilo. Manje, lokho ngokuka-Abrahama naseNzalweni yakhe.

141 Manje, uma ugula namhlanje, nodokotela athi, "Dadewethu, ngiyakuzonda ukukutshela, unenkathazo yenhliziyo, inhliziyo yakho—yakho imbi kakhulu":

"Mfowethu, u—unomdlavuza, akukho lutho, isayense yami yezokwelapha ikhombisa ukuthi si—singeke, usuqhubekele phambili, akukho esingakwenza."

142 Futhi uyiNzalo ka-Abrahama, futhi *Okuthize* kulokhu kukutshela, "Nginokuphila okuningi ukuba ngikuphile." Kuyini na? NguNkulunkulu ezama ukuthi, "Yenyukela kiMi, uyiNzalo ka-Abrahama, NginguMuphi wamandla akho, NginguMenelisi wakho."

"Kuzothatha isikhathi esingakanani na?"

143 Awu, kuthiwani uma leyongane ishiya ibele likanina futhi ingabe isancela na? Izofa. Futhi lapho sithatha uNkulunkulu njengoMphulukisi wethu bese-ke sithi, "O, awu, mhlawumbe benginephutha," qhabo, abantwana baka-Abrahama abakwenzi lokho, babambelela ngqo kulesosithembiso, futhi bancele kuso. Uma kuyinsindiso, uMoya oNgcwele, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu." Uma kungukuphulukiswa komzimba, "ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe thina." UnguNkulunkulu onamabele.

144 Yeka i . . . ! Yena, Wayenzani na? Wayefaka u-Abrahama esimweni sokwemukela isimangaliso esasilungela ukwenzeka.

145 Manje, phenyani ngale kwelinye ikhasi kuGenesisi 18. Manje, siyathola kuGenesisi 18 kwakukhona isibonakaliso esikhulu anikwa sona. Manje khumbulani, uNkulunkulu watshela u-Abrahama kuGenesisi 12, futhi, ukuba azehlukanise nabo bonke abantu bakubo, bonke abezihlobo zakhe, futhi agogobale naYe njengomfokazi ezweni labezizwe.

146 Manje, uNkulunkulu ufuna abahlukanisi; manje, abantu ufuna abaxubanisi. O, he! Namhlanje bafanele babe nomfo omncane waseHollywood, niyazi, futhi—futhi, niyazi, konke *lokhu*, futhi kuzofanele kube yinqwaba yezimbali, futhi nje kube nemibala. Abamfuni umshumayeli oyifeshini endala okubeka ngqo emgqeni wokugweda, angeke babe nawo, "Uluhlanya, ungumgingqiki ongcwele." Yilokho abakufunayo, bafuna abaxubanisi, umuntu ozohamba ayobhukuda nabo, futhi omunye umuntu ozodlala umdlalo wamakhadi ibunco nabo, futhi omunye uzoya emidansweni, futhi hhayi izinhlanya,

niyabo, abakufuni lokho. Kodwa uNkulunkulu ufuna abahlukanisi.

147 Zehlukanise! Lona impela igama elithi i*bandla* lisho ukuthi, "ohlukanisiwe, obizelwe ngaphandle." "Phumani phakathi kwabo," kusho uNkulunkulu, "futhi Ngiyakunamukela, ningathinti okungcolileyo kwabo." Abahlukanisi, o, mKristu, zahlukanise nakho konke okwezwe, mfowethu, dadewethu, sukani ezintweni zezwe, hlukanisani.

148 Manje, u-Abrahama wayene . . . Waze walalela ngokugcwele lokho, uNkulunkulu akazange ambusise, wathatha uyise wahamba naye, wathatha uLoti, indodana yomfowabo. Futhi kwenzani na? Indoda endala yayiyimpukane emafutheni okugcoba inqobo nje uma yayikhona; ekugcineni, yafa.

149 Kwase kuthi-ke uLoti, babeqophisana, futhi belwa, bephangelana phezu kwezinkundla zokwelusa, kanjalonjalo, uLoti waze wazehlukanisa futhi wehlela eSodoma. Wathatha indlela eyehlayo, indlela elula, amadola ambalwa engeziwe, futhi bona ukuthi kwambizani na? Wayefuna ukuthandwa ngabantu, waba yimeya yedolobha. Ngakho, wayesezansi lapho, wayefuna ukuba negama elikhulu. Kunabantu abaningi kakhulu abafuna amagama *amakhulu*, izinto *ezinkulu*. Kuthatha inkawu ukugxuma emva kwezinto ezicwebezelayo nezinto ezinjalo. Yebo, mnumzane. Senake nayiqaphela inkawu na? Noma yini ecwebezelayo iyogxumela kuyo. Niyabo?

150 Manje-ke, manje niyaqaphela uLoti, wacabanga, "Mhlawumbe, uma ngehlela lapho eSodoma ngizoba yindoda enkulu, igama lami lizokwaziwa." Impela, kubukeni namhlanje ukuthi kwaziwa ngokuthini. NoNkk. Loti, wagcina zonke izitayela, nezimfashini, kanjalonjalo, mbukeni namhlanje, emi lapho ensimini njengensika kasawoti. Ya. Kodwa uSara wathatha indlela yakhe nomyeni wakhe uqobo, indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi, ukuhamba enhlanganyelweni noNkulunkulu, babenezindawo ezinzima.

151 Kwase kuthi-ke ngolunye usuku ngenkathi u-Abrahama ehleli phandle . . . Izwe laliyinyumba, ngezinye izikhathi sicabanga ukuthi lezozinto ziyiziqalekiso, qhabo, uma wazi ukuthi inhliziyo yakho ikahle noNkulunkulu, akunandaba ukuthi kwenzekani, hlala nakho ngqo. U-Abrahama noSara, mhlawumbe isimo sezulu esishisayo, nezinkomo zonke yayizacile, nakho konke, kwase kuthi-ke ngeliny'ilanga u-Abrahama wayehlezi phansi kwesihlahla som-oki cishe emini, esahlukweni 16, noma isahluko 18, njalo, sikaGenesisi. Futhi uNkulunkulu wayesenele ngaleloSodoma neGomora, njengoba nje Enjalo ngalelizwe namhlanje, enele ngobuwula babo, ngakho Uzokwehla ukuba alibhubhise.

152 Ngakho Wayezobapha isibonakaliso sokuthi lokho kwakuzobhujiswa. Ngakho u-Abrahama wayehlezi lapho phansi

kom-oki, futhi wabuka futhi wabona amadoda amathathu eza. Futhi enyukela lapho ayekhona, wagijima ukuwahlangabeza, wayesethi, "Nkosi yami—yami." Manje, omunye ubezama ukungitshela ukuthi lowo kwakunguYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, niyabo. Amanga lawo. Akazange athi, "Makhosi ami." Wathi, "Nkosi yami."

153 ULoti kamuva wawabiza ngabashumayeli ababili abehlela lapho, hhayi usonhlamvukazi u *N*, u *n* omncane, "Makhosi ami, nize kimi," lowoLoti ohlubukile. Ngakho, wathi, "Makhosi ami."

Kodwa ngenkathi u-Abrahama ehlangana namathathu, wathi, "Nkosi yami," igama elikhulu N-k-o-s-i, Elohim, Nkosi. Amathathu awo ayemi lapho, kodwa wathi, "Nkosi yami."

154 Manje, ngenkathi Enyuka, wathi, "Woza ngapha bese uhlala phansi, futhi—futhi ake ngilande amanzi amancane futhi ngigeze izinyawo zaKho, futhi—futhi uzihlumelelise, futhi uthathe ucezu lwesinkwa, futhi khona-ke ungahamba, ngokuba ubume ngapha ukuba ubone inceku yakho."

Kulungile. Ngenkathi benyuka, bathi, "Ngakho kwenze." Ngakho bahamba baya ngale base behlala phansi.

155 Futhi u-Abrahama wagijimela ethendeni, ithende elikhulu, ithende elikhulu ayehlala kulo, mhlawumbe izinceku zonke zazikanise nxazonke, isigodi sabo. Ngakho wagijimela emuva kwelikhulu, ithende elikhulu, wayesethi, "Sara, xova izilinganiso ezintathu zempuphu, ngokukhulu ukushesha, bese uzibhaka eziko." Futhi wa—wagijimela emhlambini, futhi wathola ithole elikhuluphele ngempela futhi walinika inceku yakhe ukuba ilihlinze, wathi, "Lilungiselele, ngokushesha impela."

156 Futhi bakulungiselela, futhi uyaphuma, futhi waphakela lamadoda amathathu. Kwakuyini na? Inyama yenkonyane, inkonyane, wabanika ubisi, nesinkwa, nebhotela, futhi bonke bahlala futhi bedla, bonke. Futhi nokho, Omunye wabo kwakunguJehova uNkulunkulu. Kunjalo. U-Abrahama wakhuluma naYe. Ubungeke uyingabaze imiBhalo, ubungayingabaza na? Wathi Wayengu-Elohim, kunjalo, uNkulunkulu; kushiwo cishe kasithupha noma kasikhombisa, ngokuhambisana nqo emgqeni, u-Elohim, yilokho Ayeyikho.

157 Omunye wathi kimi ngesinye isikhathi, wathi, "Awukholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu."

Ngathi, "Impela, ngikholwa ukuthi NguNkulunkulu, u-Abrahama wathi Kwakunguye, iBhayibheli lathi Kwakunguye, nokukholwa kwami kwakhelwe eZwini likaNkulunkulu."

Wathi, "UNkulunkulu ubengaba kanjani inyama na?"

158 Ngathi, "Okufanayo njengoba Wayenjalo ngenkathi EkuJesu Kristu, Wenziwa inyama." Impela, Wayenguye. Ngenkathi WayekuMelkisedeki, Wenziwa inyama, impela, Wayenguye,

"iNkosi yokuthula, iNkosi yaseSalema, engenayise, engenanina, engenakuqala kwezinsuku, nakuphela kweminyaka," impela impela, "ukuphela kokuphila," njalo. Impela, Wayenguye.

159 Manje, nangu Uphakathi kweBandla laKhe namhlanje, enziwe inyama eBandleni laKhe, impela, u-Elohim. Manje, o, uma kuphela beningaqonda ukuthi nina madoda, nenziwa ukuba nibe ngunkulunkulu omncane! Uyindodana kaNkulunkulu, uyindlalifa kaNkulunkulu, futhi unokubusa, uGenesisi 1:26, Umnika ukubusa phezu kwakho konke okusemhlabeni, Wamenza unkulunkulu phezu komhlaba. Kunjalo. Umnika ukubusa, uyinkosi, unkulunkulu. Futhi lapho ethole khona ukuwa kwakhe, wayengakhuluma ezihlahleni, "Guqulwa, sishulwa futhi uhlale *ngapha*." Emimoyeni namagagasi, "Thula," futhi kwama. Wayengunkulunkulu, unkulunkulu omncane, indodana kaNkulunkulu, njengoba wena uyindodana kayihlo.

160 Futhi lonke izwe liyabubula, lilindele ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu, lilindele iBandla ukuba libuyele endaweni yaLo futhi, amadodana kaNkulunkulu ukuba abonakaliswe, lilindele lelohora. Ngethemba ukuthi lokho akulimazi, kodwa ngidingeke nje ngikusho. Niyabo? IBandla liqhele kakhulu endaweni yaLo, Lidinga ukubuya libe ngamadodana kaNkulunkulu futhi, ababusi, ababusi bomhlaba, phansi kokubusa kokomoya. Kuyoba ngolunye usuku, lapho kufika Omkhulu, uJesu Kristu, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane esikhulu; imvelo ibubulela lolosuku.

161 Manje, siyathola lapha ukuthi loMuntu, bathi nje bangakhuluma no-Abrahama, ngifuna niqaphele, ababili babo behlela eSodoma ukubona ukuthi babengathola yini abaningi abayishumi abalungileyo kuleso. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . isizwe sabantu. [Akuqoshwanga eteyipini.] . . . futhi abakwazanga ukukwenza, kodwa Oyedwa wasala ngemuva. Manje, ningakugeji lokhu: Omunye wasala ngemuva futhi wakhuluma no-Abrahama.

162 Lowo owasala ngemuva unika u-Abrahama isibonakaliso. NoJesu wabhekisela kulesosibonakaliso futhi wathi siyofana ezinsukwini zabeZizwe. Manje, kade sithatha lonke iviki, lokho uJesu ayeyikho, ekhombisa isibonakaliso saKhe sobuMesiya kubantu, kodwa Akazange nakanye akwenze lokho ngaphambi kukaGen- . . . [Akuqoshwanga eteyipini.] . . . ? . . . njengoba nje babeneminyaka eyizinkulungwane ezine. Kodwa manje, yithina esibheke uMesiya ozayo. Manje, Uzofanele enze into efanayo.

163 Manje, bhekisisani ukuthi Lona wenzeni, Lowo Owasala no-Abrahama, Wamnika isibonakaliso, futhi bhekisisani ukuthi isibonakaliso sasiyini. Manje, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," manje imiqondo yokomoya, hloniphani ngokuzithoba ngempela lapha, wena, nawe ophansi, uvulande

osesitezi wokuqala, novulandi osesitezi wesibili, khumbula, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Bangaki othi, "Amen," kulokho na? Yilokho . . . [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

164 Manje, ake sibone nje ukuthi kwenzekani. Ngokuba usuku . . . Manje, khumbulani, izinsuku zaseSodoma zazingaphambi nje kokuba izwe libhujiswe, noma, u—ububi babhujiswa ngoMlilo. Manje, niyakholwa ukuthi izwe liyobhujiswa ngomlilo ekufikeni kwaKhe na? IBhayibheli lasho njalo, onke amazulu nomhlaba kuyosha. Abantu bayozenzela bona uqobo, ngoba uNkulunkulu akabhubhisi lutho, umuntu uzibhubhisa yena uqobo ngolwazi lwakhe, ubuhlakani bakhe, imfundo yakhe, njalo ubekwenza.

165 Wadala impuphu yesibhamu, wadala amabhomu e-athomu, izimoto, yilokho okwambulalayo. Niyabo? Manje, qaphelani, uyobhubhisa umhlaba wonke ngolwazi lwakhe uqobo, lesosihlahla ensimini ukuthi washiya uMuthi wokuPhila ukuba adle kulowomuthi wokwazi, isayense, bebelokhu bewugibela kusukela lapho.

166 Qaphelani manje, sithola ukuthi—ukuthi u-Abrahama, ngenkathi efika kulendawana empilweni yakhe—yakhe lapho ayefanele abone khona lesisibonakaliso esikhulu ukuba senzeke . . . UJesu ebhekisela kukho, njengoba kwakunjalo ngalolosuku, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.

167 Manje, bhekisisani, njalo kunezigaba ezintathu zabantu, lowo amakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo, njalo; isono, namaKristu *azishoyo*, namaKristu angempela. Futhi ahlala njalo ehlukene omunye komunye.

168 Manje bukani, iSodoma laliyizoni, zaziphendukezelwe, njengoba nje izwe linjalo namhlanje. Izingxenye ezinkulu zalesisizwe sesihambe nya. Futhi njengoba ngishilo, nje sifakwe ikhekheba lezinyosi nobukhomanisi, nayo yonke into, yonke *imfundiso egqamileyo*.

169 Uma, abaningi benu, uma beningabeka uMongameli olungileyo kuzo zonke izifundazwe kuyo yonke i-United States, kusalokhu kuhambile, ayisoze yavuka futhi, ISHO KANJE INKOSI. 1956 yenza umnyakazo wayo obulalayo, manje, futhi yahamba kahle endleleni yayo cishe ezinyangeni ezintathu ezedlule. Manje, ayisekho, kubhale eBhayibhelini lakho futhi ubone ukuthi kuqinisile yini.

170 1933, ngokunye ukusa, ngiya etabernakele leBaptisti, ngaba nesiyezi, ngabona umbono, ngabona uMongameli Roosevelt wayezosiza ekuholeleni umhlaba empini yomhlaba, ngakusho ngalokho kusa; babezongibopha ngakho.

171 Ngase ngithi, "Bazoya empini neJalimane." Iminyaka eyishumi nanye ngaphambi kokuba kwakhiwe iMaginot Line,

ngasho, lapho kulowombono ofanayo, "Ngabona iJalimane iqiniswe ngokhonkolo." Futhi iMelika yathola ukushayeka okubi kabi lapho, nabaningi benu bafana niyazi ukuthi kwenzekani, wayelapho.

172 Qaphelani, ngathi, "UMussolini umile njengombusi ongundlovu kayiphikiswa, uyokwenza ukuhlasela kwakhe kokuqala e-Ethiopia, kodwa, uyothatha iTopiya, kodwa uyofika ekupheleni okuyihlazo, yena nalowo wesifazane bobabili." Futhi babalengisa izinyawo zabo zibheke phezulu, nezingubo zakhe zilenga phezu kwekhanda lakhe emgwaqeni, futhi nokukhafulelwa kubo.

Ngathi, "Isayensi izothuthuka."

173 Ngathi, "Enye into, isizwe sivumele abesifazane ukuba bavote, elinye lamahlazo amabi kabi abawenzile." Futhi ngathi, "Ekuvoteni bayokhetha indoda engalungile." Manje, angisuye omDemokhrati noma umRiphabliki, ngingumKristu, izinhlangothi zombili zibolile. Kodwa benza iphutha labo elibulalayo ngoluny'usuku, abesifazane bawenzile umsebenzi.

174 Nokuthi nina bantu abangamakhalathi ningathengisa kanjani ngobuzibulo benu entweni enjengaleyo, lapho igazi lebala lika-Abraham Lincoln liphezulu ngaleya kuleyongubo! Nkulunkulu yiba nomusa! Ngisize, Nkosi. O, he! Mhlawumbe bengingafanele ngikusho, kodwa sengivele ngikushilo. Khumbulani!

175 O, kungaba kanjani na? Izinsuku zami njengomvangeli masinya seziphelile, angikwazi ukuba ngonesiprofetho nomvangeli, futhi, ngizosuka ensimini; lokho kuseMoyeni, manje. Masinya Uzobe engibiza, ngizoshiya insimu yobuvangeli, khona-ke Uyongisebenzisa njengomboni waKhe.

176 Yini indaba ngami empeleni na? Bengikuphi na? Yebo, uGenesisi 18. (Ukutholile lokho Gene na?) UGenesisi 18, ngikholwa ukuthi bengikhuluma ngakho, khona-ke, qhabo, bengikulokho Angitshela khona ukuthi kwakuzokwenzeka.

177 Wayesethi-ke, "Isayensi izokwanda, ize ifike endaweni ize iphelelise imoto ebukeka njengeqanda, ngaphambi kwesikhathi sokuphela." Ngase ngikubona, ngase ngithi, "Bazoyilawula ngohlobo oluthize lwesitelingi esinezinto ukuthi abadingi ukuthi basithinte bona uqobo. Ngibone umndeni waseMelika, wehla ngenkulukazi, indlela ebanzi udlala amakhadi nemoto enengilazi-phezulu, ibukeka njengeqanda." Banayo khona manje, nibonile kwithelevishini lapha esikhathini esingeside esedlule, banayo.

178 Ngase ngithi, "Ngase ngibona omunye omkhulu, owesifazane onamandla ephakama e-United States." Isizathu lesi yisizwe sowesifazane, isithombe sowesifazane emalini, kakhulu, yonke into ngo*wesifazane* lapha. Niyabo? Kunjalo, ungunkulunkulukazi. Hhayi nina besifazane abangamaKristu,

ngikhuluma ngokuthi, makuthi isimukanandwendwe esincane sehle ngomgwaqo lapha nazo zonke lezizikhindi, nezinto, angenza umonakalo omkhulu eBandleni likaNkulunkulu ophilayo phakathi kwabantu kunawo onke amajoyinti ogweva elikhona esizweni sonke. Kunjalo.

179 Lena yi, iMelika iyisizwe sowesifazane, inezithombe zakhe, inombolo yayo iyishumi nantathu, amakoloni ayishumi nantathu, imishwe eyishumi nantathu, izinkanyezi eziyishumi nantathu, ishumi nantathu kanjalo, yonke into iyishumi nantathu, ishumi nantathu, ishumi nantathu, nowesifazane. Niyabo?

"Futhi ngabona owesifazane omkhulu esukuma, ebukeka kahle, kodwa enonya, inhliziyo embi." Futhi lokho kuzoba yibandla, futhi lisendleleni yalo manje.

180 Ngase-ke ngibona isikhathi sokuphela ngenkathi i-United States yayibukeka njengesigejane esikhulu samatshe aqhumile nezinto ezinjalo, kuqhumile nje, kushunqa, ndawo zonke. Ezinhlanu zazo kwenzekile, ezimbili zazo zisendleleni yazo. Lokho sekube yiminyaka engamashumi amabili nanye eyedlula, niyabo, ngenkathi kubikezelwa. Uma emihlanu yayo ishaye ngokuphelele, eminye emimbili izofanele; ngiyayibona iza emgwaqeni manje.

181 O, phendukani nibalekele ulaka oluzayo, Bandla likaNkulunkulu ophilayo! Buyela eVangelini langempela, mngane. Nina maMethodisti, nina maBaptisti, nina maPentecostal, nonke phendukelani kuNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yenu, ngokuba amahora enu mafishane.

182 UGenesisi 18, ngaphambi nje kokuba uMlilo wehle, leyoNgelosi yathi, noma, lowoMuntu enyameni yomuntu, uMuntu edla futhi ephuza njengomuntu ojwayelekile, kodwa nokho wayenguNkulunkulu, WayenguJehova uNkulunkulu. Bukani iBhayibheli futhi nibone ukuthi akunjalo yini, uJehova uNkulunkulu enyameni yomuntu. Kwakumeleni ngokwamaZwi kaJesu uQobo na? UNkulunkulu wayezomelwa enyameni yomuntu esikhathini sokuphela ngaphambi kokuba kwehle umlilo, uMoya oNgcwele ubuyela eBandleni, kade ungena iminyaka engamashumi amane noma ngaphezulu, ulawula iBandla.

183 Yini into yokugcina eyenzekile na? Manje, khumbulani, ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambi kwalokho, igama lika-Abrama lase liguqulwe laba ngu-Abrahama, noSarayi waba nguSara. Futhi Mbhekisiseni ukuthi Wambiza ngokuthini, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Isihambi, uthuli ezingutsheni zaKhe, edla inyama, ephuza ubisi.

Wathi, "Ngani, usethendeni emva kwaKho."

184 Bhekisisani isibonakaliso, Wathi, "Abrahama, *ngi*. . ." O, he! Niyabona ukuthi Kwakungubani na? "*Ngi*kwenzele

isithembiso, Ngizokuvakashela ngokwesithembiso saMi. Ngenza isithembiso, NganginguYe osenzile." KwakunguNkulunkulu owenza isithembiso. "Ngizokuvakashela." Ngamany'amazwi, "Ezinye nje izinsuku ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili, nezinto zizokwehluka ngoSara, futhi Ngenze isithembiso kuwe, ngakho Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila, uzoba nalengane."

185 Futhi uSara, ethendeni emva kwaKhe, wathi—wathi, "Mina, isalukazi . . . " Ngithetheleleni, bodadewethu, ngi . . . ngenza leliphuzu. Njengendoda nomfazi, "Mina, isalukazi, bengisayolokhu nginenjabulo no . . . nomyeni wami—wami, phandle lapho, ikhehla, futhi, iminyaka eyikhulu ubudala, futhi nakhu nginamashumi ayisishiyagalolunye," ukhokho kakhokho kakhokho kagogo omncane, itshali elincane nenduku yokudondolozela, "mina ngibe njengowesifazane osemusha, nomyeni wami njengensizwa ukuba—ukuba ngibe nabantwana na? Ngani," wathi, "kungeke kube njalo."

186 NaleyoNgelosi, hhayi iNgelosi, uNkulunkulu enyameni yomuntu efulathele itende ngomhlane waKhe, iBhayibheli ngokusobala lithi Wayefulathele ithende ngomhlane waKhe emva kwaKhe, wathi, "Uhlekeleni uSara phakathi kwakhe, ethi, 'Impela lezizinto ngeke zenzeke'?"

187 Wayazi kanjani ukuthi wayesethendeni na? Noma Wazi kanjani ukuthi noma ngabe igama lakhe kwakunguSara na? Wayazi kanjani ukuthi wahleka na? Futhi Wayazi kanjani imicabango owawusemqondweni wakhe ngenkathi ecabanga engqondweni yakhe na? KwakuyilowoMoya ofanayo owawukuJesu owabona imicabango yabo. Niyabo?

188 Futhi Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Ngabe kunjalo na? Isibonakaliso sokugcina abake basithola ngaphambi kokuba kwehle uMlilo, sawa khona lapho, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina abasithola. Futhi bukani, Wakusho kanjani lokho, futhi kungani ngokusobala Abiza iSodoma na? Nakhu, vula manje futhi ukwemukele: Lowo kwakungu-Abrahama futhi lena yiNzalo ka-Abrahama, Ufanele anikeze iNzalo into efanayo Ayinika u-Abrahama, ngokuba isithembiso sasingesabo bobabili u-Abrahama neNzalo emva kwakhe.

189 O Nkulunkulu! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Niyabona ukuthi iBhayibheli lithini na? Yingalesosizathu lawa amakhulukazi, ama-Orthodox aphakeme enza . . . abakutholi neze.

190 Manje, bukani, wena uthi, "Ngabe bazothola i . . . ?" Impela. Kwakukhona uLoti, ibandla le-Orthodox, noBilly Graham wesimodeni, nomunye umuntu wehlela lapho ukuba ashumayele kubo, akazange enze noma yiziphi

izimangaliso, wabaphuphuthekisa nje, lokho, ukushumayela iVangeli kuphuphuthekisa ongakholwayo. Kunjalo. Babengabangakholwayo owayephuphuthekisiwe; awu, kwakuyisithunzi.

191 Manje, bathi uBilly Graham, umvangeli omkhulu namhlanje, oya ku, umvangeli wamaBaptisti, bathi, o, lezozoni nabangakholwayo bathi, "O, lutho ngaphandle kwesigejane sombhedo." Akusikho! UBilly Graham uyindoda kaNkulunkulu, impela uyiyo, no-Oral Roberts, nalabobafo, izinceku ezinkulu zikaNkulunkulu, ezigcotshwe nguNkulunkulu. Ungamlahli uBilly Graham ngoba akasiyo iPentecost, angeke abe yiPentecost.

192 Bhekisisani, lapho uNkulunkulu, nansi into ethize, ngethemba ukuthi ayinibindi, kodwa bukani, ngenkathi uNkulunkulu, ngaphambi kokuba Enze u-Abrahama uyise wezizwe, Waguqula igama lakhe lisuka ku-Abrama laba ngu-Abrahama. Ngabe kunjalo na? Beka u h-a-m ekugcineni kwalo, h-a-m. Ngoba ini na? Uzoletha ngaye uyise wezizwe. Wathatha ingxenye yeGama laKhe uQobo, u-*Elohim*, futhi wamenza u-*Abrahama*.

193 Manje, uma ufuna ukwazi ukuthi ngabe uBilly Graham. . . bheka ekugcineni kwegama lakhe, G-r-a-h-a-m. Niyaqonda na? Kulungile. Manje, niyabo, yonke into izofanele iphelele, futhi iphelele, labo abangayiboni uphuphuthekisiwe. U-*Abrahama*, lelo kwakuyigama elinikeziwe, lelogama alizange liphakame kwaze kwaba sekupheleni kwesikhathi nje; selinjalo. Bhekisisani lelogama ligcina ngo, h-a-m, *Abrahama*, *Elohim*, niyabo, *Graham*, qaphelani manje, esikhathini sokuphela nje. O, besingakuhlaziya siqhubeke kancane kunalokho, kodwa lokho kwenele ngokwenele ukuba nikwazi.

194 Qaphelani manje, njengoba sibuka isikhathi sokuphela singena, manje, Wethembisa ukuthi lokho kuyoba yini na? Ngaphambi nje kokuba kwehle umlilo. Manje, o, kinina bantu, nasi isithembiso esikhulu. Bukani, ngenkathi Emnika lesosibonakaliso, Wayenzani na? Wayelungisa, manje. Masinyane emva kwalokho Wenzani na? Walungisa u-Abrahama noSara ukwemukela indodana ezayo eyayithenjisiwe. Wenzani na? Waguqula uSara no-Abrahama besuka ekubeni yikhehla nesalukazi, babuyela ekubeni yinsizwa nentombi.

195 Wena uthi, "Mfowethu Branham, lokho akunjalo." Kulungile, sizobona nje uma kunjalo noma qha. Ungeke walifunda iBhayibheli njengephephandaba, LiyiNcwadi yothando.

196 Umkami omncane emuva lapho, ngenkathi thina, ngiqala phesheya kwezilwandle, manje ukuba-ke ngiye kuye. . .? Yilapho ofanele usuke kokuningi kakhulu kwalokhu, "Angikwazi ukwenza *lokhu*, ngoba ngivuma *lokhu*. Angikwazi

ukwenza *lokhu*.” Uma ufuna ukukwenza, ungavele nje ukwenze, impela. Makuthi wena, ukukhiphe enhliziyweni yakho, wuthando, umusa okwenzayo.

197 Ukuba-ke ngi—ngiqale phesheya kwezilwandle, noNkk. Branham *lapho* wathi, wenyukela kimi, wayesethi, “Lalela lapha!”

198 Ngithi, “Lalela, Nkk. Branham, awuyikuba nabanye abayeni, ngingumyeni wakho. Awuyiku. . .Uma ngizwa ukuthi ubunabanye abayeni, ngizohlukanisa nawe lapho sengibuya.”

199 Ubeyothi, “Awume kancane, ndoda yami ethandekayo! Awuyikuba nabanye, ananye abafazi, futhi, ngoba uma—uma—uma unabanye abafazi, ngizohlukanisa nawe lapho usubuya.” Manje, lokho bekungeke yini kube yikhaya na?

200 Yileyondlela ibandla elizama ukuba yiyo kuNkulunkulu, “NgiyiPresbyterian.” “NgiyiPentecostal.” O! Niyabo? Akukho lutho, “lutho,” elungile.

201 Bukani, senzani na? Ngiyamthanda, uyangithanda. Siyaguqa nje futhi sikhuleke, futhi ngicela uNkulunkulu ukuba amsize, futhi ucela uNkulunkulu ukuba angisize, ngiyamanga ngimvalelisa, bese ngiya phesheya kwezilwandle, lokho kuyakuxazulula. Akadingi ukuba akhathazeke ngami, ngimthanda kakhulu; angikhathazekile ngaye, uyangithanda kakhulu. Inqobo nje uma sithandana ngaleyondlela sizoba kahle.

202 Futhi ufanele umthande uNkulunkulu. Uzongibhalela incwadi, futhi uyothi, “Billy othandekayo, ngisanda kulalisa abantwana embhedeni. Futhi uSarah, namhlanje, wenze *ukuthi-nokuthi*. NoRebekah, nakho konke *kanje*, futhi nje. . .” Niyabo? Usho lokho ephepheni, kodwa ngimthanda kakhulu ngingakwazi ukuyifunda ivaliwe, ngiyazi ukuthi ukhuluma ngani. Niyabo? Ngiyamthanda.

203 Yileyondlela ofanele ube ngayo noNkulunkulu, ufanele uthande uNkulunkulu, khona-ke ungayifuyinda ivaliwe futhi ubone ukuthi Uchaza ukuthini. Ukufihlile emehlweni abafundi bekholiji abahlakaniphile, futhi wakwembula ezinganeni zona eziyofunda, yilokho Akusho; uJesu wabonga uNkulunkulu ngokukwenza. Manje, akuthathi imfundo, kuthatha impilo enikelwe.

Manje, sifanele siphuthume, sengedlule le, kodwa nje ngifanele ngilenze leliphuzu uma iNkosi ithanda.

204 Qaphelani manje, uthando, bukani, manje asikuthathe nje. Wena uthi, “Manje, Mfowethu Branham, umzuzu nje, Akakwenzanga lokho.”

205 Kulungile. Masinya emva kokuba lesisibonakaliso sinikezwe u-Abrahama, qobo lwakhe, futhi siyonikwa iNzalo yakhe, futhi sibona konke lokho kwenzeka, manje

yini into elandelayo yeBandla ngaleyonkathi na? Uma Yena, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina Asinika u-Abrahama ngaphambi kokuba uMlilo wehle futhi ubhubhise ububi, khona-ke kuyoba yini eNzalweni yaKhe na? Into efanayo. Wenza into efanayo. Wenzani na? Wambiza, wamnika isivumelwano.

206 Ubizwa ubani na? Abanye abantu bathi, "Ngavele ngafuna uNkulunkulu futhi ngafuna uNkulunkulu." Awuzange, akekho omunye owake wakwenza; nguNkulunkulu efuna umuntu, hhayi umuntu efuna uNkulunkulu. Akekho umuntu ofuna uNkulunkulu, uNkulunkulu ufuna umuntu. Kwafakazisa lokho ensimini yase-Edene, esikhundleni sokuvuma, wayecashile, uNkulunkulu wayemfuna.

207 Futhi enye into, niqaphelile na? UNkulunkulu akazange athumele iNgelosi phansi ukuba izingele umntwana waKhe olahlekile, Wafika Yena uqobo. Yingalesosizathu uJesu enziwa, uNkulunkulu, inyama phakathi kwethu. UNkulunkulu wafika qobo lwaKhe ukuzohlenga umntwana waKhe. Kwakungumsebenzi olingana nomuntu, akekho owayengawenza ngaphandle kwaKhe, ngakho Weza ukuzohlenga umntwana waKhe uQobo. Futhi yingalesosizathu uJehova wenziwa inyama eNdodaneni yaKhe uQobo ukuba afe esonweni esabekwa phezu kwaKhe ukuhlenga isoni.

208 Manje, ngokusondele, asimlandele umzuzu. Nangu u-Abrahama . . . Ningahle ningavumelani nalokhu, lokho kulungile, kodwa ngifuna nje ukunitshela imicabango yami uqobo. Niyabo? Into elandelayo nje eyayifanele yenzeke, ukwemukela lendodana eyayithenjisiwe Wayefanele enze okuthize ku-Abrahama. Manje, siyazi ukuthi Wadingeka enze uSara azale. Ngabe kunjalo na?

209 Awu, nga—ngalezozinsuku abesifazane babengabhemi osikilidi, ngakho ba—babedingeka bakhulise ingane yabo ebeleni, babengenakuzikhulisa ngobisi lwenkomazi, babengenazo ezempilo namabhodlela ahlanzwe amagciwane ngalezozinsuku, ngakho bona, umama wadingeka akhulise ingane yakhe. Awu manje, ukuze kwenziwe lokho, imithambo yobisi ebeleni lowesifazane yayoma eseneminyaka eyikhulu ubudala.

210 Bese kuthi-ke enye into, ngiyaxolisa, izethameli ezixubile, lalelani udokotela, ngingumfowenu, lalelani, enye into, owesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala wayengaya kanjani ekusikweni na? Bekungambulala. Ubezofanele amguqule. Awu, uNkulunkulu aka . . . Futhi bukani u-Abrahama, esefana nofile, indoda eneminyaka eyikhulu ubudala ikwazi ukuzala na? Qhabo, Wabaguqula babuyela ekubeni yinsizwa nentombi.

211 Wena uthi, "Ungakufakazisa na?" Yebo, mnumzane. Bathatha uhambo besuka lapho base behamba bayothi ngqu ezansi ezweni lamaFilisti eGerari, amamayela angamakhulu

amathathu. Lolo uhambo ngempela lukagogo nomkhulu namahlombe akhe onke egobile, nobuhwanqa bulenga *kanje*, iminyaka eyikhulu ubudala.

"O," wena uthi, "babephila isikhathi eside nje."

212 Awume kancane lapha, ngibuka ngqo emBhalweni, "Futhi bobabili base begugile." Kunjalo.

213 Futhi ngenkathi befika ezansi lapho, niyazi ukuthini? U-Abimeleki, inkosi yaseGerari, wayefuna isithandwa. Futhi bonke labo besifazane abahle bamaFilisti ngalapho, kodwa lapho esebone ukhokho kakhokho kakhokho kagogo netshali lakhe elincane nesigqoko esincane, wamthanda, "Yilowo ebengimlindile." Niyabona ukuthi kubonakala kuyinhlekisa kanjani na? Kuyinhlekisa. Yena . . .

Futhi u-Abrahama wathi, "Ngiyakuncenga uthi ungudadewethu, ngoba umuhle ukuba ubukwe."

214 Wenzani na? Wababuyisela emuva ekubeni yinsizwa nentombi. Uzokwenzani e . . .? Kungani Adingeka enze lokho na? Ukuze bakwazi ukwemukela indodana ethenjisiwe. Futhi leyo yinto elandelayo ngokohlelo lweBandla. "Thina esisekhona sisasele kuze kube sekufikeni kweNkosi asiyikubandulela abaleleyo," ngokuba siyoguqulwa ngomzuzwana ukuba semukele iNdodana ethenjisiwe.

215 Uzovela kuphi, phansi lapha emhlabeni na? Qhabo, phezulu emoyeni. Asihlangani naYe lapha emhlabeni, futhi besingeke sihlangane naYe kuloluhlobo lwemizimba, sifanele siguqulwe, futhi sihlangane naYe emoyeni. O, ngizizwa ngikholwa ngempela! Niyabo? Umzimba uzoguqulwa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, futhi siyohlwithwa ndawonye ukuhlangabeza iNkosi, into elandelayo eNzalweni ka-Abrahama. Bathola isibonakaliso sabo sokugcina, ukubona okufihlakele njengoba kwakunjalo nje, usuku lukaJesu, leso yisibonakaliso sokugcina eBandleni.

216 Khumbulani, kubhaleni phansi, ngingahle ngihambe, nibone ukuthi kuqinisile yini noma qha, isibonakaliso sokugcina seBhayibheli. Manje, sithola ukuthi lokho kwakungaphambi nje kokuba lokho kwakuzokwenzeka. Bese kuba yini-ke na? Siyathola, masinya emva kwalokho, abanaso isikhathi esingako sokuqhubekela phambili, u-Isaka omncane wazalwa.

217 Manje, sengiyavala. Kuthiwani-ke, ngenkathi ethi akabe neminyaka eyishumi nambili ubudala, uNkulunkulu wathi ku-Abrahama, kakhulu njengalokhu: "Kuzoba nomhlangano ngesinye isikhathi ngale eRichmond, eVirginia, e-United States, Ngifuna ukwenza labobantu bazi ukuthi Ngiqinisekile ngokoqobo ngalokho eNgikwenzayo. Ngifuna uthathe leyondodana, indodana yakho okuwukuphela kwayo onayo, uyise phezulu lapho entabeni futhi uyibulale."

218 U-Abrahama wathi, "Yebo, Nkosi." Ngokuba wamamukela njengovela kwabafileyo, wayeqiniseke ngokugcwele ukuthi Wayenamandla okumvusa, amvuse, njalo, kwabafileyo.

219 Ngakho Wenzani ukukwenza kuqiniswe eBandleni laKhe kuyo yonke iminyaka ukuthi Uyasigcina isithembiso saKhe na? Futhi iNzalo ka-Abrahama, kungakhathaleki ukuthi simo sini abakuso, basakholwa ukuthi uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe. Khona-ke Wenzani na?

220 Wathatha u-Isaka omncane, bahamba uhambo lwezinsuku ezintathu. Manje, cishe impela noma yimuphi umuntu, insizwa njengoba u-Abrahama wayenjalo ngaleyonkathi, waphenduka waba yindoda cishe enamashumi amabili nanhlanu, iminyaka engamashumi amathathu ubudala, yena noSara, wayekwazi ukuhamba . . . Ngingahamba amamayela angamashumi amathathu, ngangivame ukugada nomqaphi wezinyamazane, ngangihamba amamayela angamashumi amathathu noma ngaluphi usuku, futhi sinezinyawo zikapetroli namhlanje, ngaphandle kwalokho ababenakho. Zonke ezokuthutha ababenazo kwakungukugibela umnyuzi omncane noma bahambe ngezinyawo.

221 Futhi bahamba uhambo lwezinsuku ezintathu, wase ephakamisa amehlo akhe, futhi wabona intaba, lapho umbono wawumkhombise khona, kude le, futhi wafika entabeni. Lapho efika lapho, wathi ezincekwini, "Hlalani lapha," lalelani lokhu, uGenesisi 22, "lindani lapha ngenkathi umfana nami siya ngaleya ukuyokhonza, futhi sizakubuya." O, lokho nje kwenza okuthile kimi!

"Abrahama, uyazi ukuthi utheni na? Wenyukela lapho ukuba uyibulale. Uzobuya kanjani, wena nayo na?"

"Umfana nami sizobuya."

222 Manje bhekisisani, Wabeka izinkuni ehlombe lika-Isaka, umfanekiso weNzalo yeqiniso, uJesu, ukusenza iNzalo ka-Abrahama, wathatha izinkuni zomhlatshelo ukuba abeke kuzo, phezu kwamahlombe aKhe uQobo, ngenkathi Ekhwela eGolgotha.

223 Benyukela esiqongweni sentaba, futhi lapho bendlala izinkuni, base bebasa umlilo, nakho konke, u-Isaka omncane waba nokusola, wathi, "Baba?"

Wathi, "Ngilapha, ndodana yami."

Wathi, "Nazi izinkuni, futhi nanku umlilo, futhi nanti i-altare, kodwa liphi iwundlu lomnikelo na?"

224 Ucabanga ukuthi lowobaba omdala wacabangani na? Wathi, "Ndodana yami, uNkulunkulu uzohlinzeka iwundlu." Amen. Yingakho aMbiza ngo*Jehova-Jira*. "INkosi izoZibonela iwundlu lomhlatshelo."

225 No-Isaka omncane, wathi, “Phenduka, Isaka,” u-Isaka wazi ngaleyonkathi. Futhi bhekisisani, ezinikela ekufeni, njengoba kwenza uJesu nje, iNzalo yeqiniso. Wamdonsa ngapha nangapha, wayesebopha izandla zakhe, izinyawo zakhe, wambeka phezu kwe-altare, waphusha ezakhe ezincane, izinwele ezimnyama, nawakhe amancane, amehlo ansundu ecwebezela.

226 Uzothini umama na? Akakwazi ukucabanga ngalokho, ufanele wenze lokho uNkulunkulu akushilo.

227 Umama uthi, “Ungehleli phakathi kwalabobagingqiki abangcwele.” Ungakukholwa, yenza okushiwo nguNkulunkulu.

228 Udokotela uthi, “Awukwazi ukuphila.” Ungakukholwa lokho, kholwa okushiwo nguNkulunkulu. Niyabo?

229 Waphushela emuva izinwele zakhe, wathatha ummese, wawukhipha emgodleni wawo, wawuphakamisa, futhi nje waqala ukugwaza umfanyana wakhe uqobo ukuba afe. Futhi ngenkathi ephakamisa isandla sakhe ngokulalela okugcwele, uMoya oNgcwele wabamba isandla sakhe, wathi, “Abrahama, bamba isandla sakho, Ngiyazi ukuthi uyaNgithanda, ngokuba ubungeke uyigodle ngisho nendodana yakho uqobo.”

230 Futhi cishe ngalesosikhathi, emva kwakhe, lapho acosha khona idwala, inqama yakhala, ibanjwe ngezimpondo zayo ehlane, emvinini. Ngifuna ukunibuza okuthize: Yavelaphi leyonqama na? Manje, okungenani uqhele ngamamayela angamashumi ayisikhombisa-nanhlanu empucukweni, nazo zonke izinhlobo zezilwane. Nemvu iyinyama yanoma yini, amabhubesi, izimpungushe, nakho konke okunye ogwadule. Futhi kwakukuphi lokho...? Yavelaphi leyonqama na? Futhi enye into, iphezulu le esiqongweni sentaba lapho okungekhomanzi khona.

231 Kwakuyini na? UNkulunkulu wakukhuluma kwabakhona, Wayekudinga. Niyabo, kwakungesiwo umbono, manje, wacosha inqama, wayeseyiletha ngale, wayeseyinquma umphimbo wayo, umbono awophi, igazi laphuma. Yathatha indawo ka-Isaka, kwakunguJesu emfanekisweni. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

232 Futhi u-Abrahama wathi, “Lendawo iyakuthiwa *Jehova-jira*, ‘INkosi izozibonela umhlatshelo.’” Futhi Lathi, “Ngisho nasentabeni yeNkosi, kuze kube namuhla.” UJehova-Jira usevele uzihlinzekele Yena uqobo umhlatshelo.

233 Futhi mfowethu, dadewethu, wena uthi, “Mfowethu Branham, bengikudokotela, ungitshele ukuthi ngeke ngiphile.” Awu, akungabazeki, kodwa ukuthi leyondoda eyigugu ikutshela konke ekwaziyo ukuthi kuyiqiniso, impela, kodwa yazi kuphela njengomuntu. Bangitshela eminyakeni engamashumi amathathu nambili edlule, nganginemizuzu engaphansi kwemithathu yokuphila, inhliziyo yami yayishaya kayishumi nesikhombisa

kuphela umzuzu. Kulungile. Kodwa uJehova-Jira, Wahlinzeka uMhlatshelo futhi ngawemukela.

234 LowoJehova-Jira ofanayo unoMhlatshelo ohlinzekelwe wena, namhlanje. UzoWemukela na? "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphulukisiwe thina." O, Nzalo ka-Abrahama, ungewemukele yini uMhlatshelo kaJehova owadatshulwa wehlukana eKalvari na? Ingxenye yaWo ilele phezulu lapho esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, ngakwesokunene, umPristi oMkhulu enza ukunxusela ekuvumeni kwakho. UMoya oNgcwele ulapha ukugcina uMsebenzi waKhe uhamba phakathi kweBandla laKhe. Ukholwe Wona futhi uWemukele, uzokwenza na?

235 Asikhothamise amakhanda ethu. Sisesemkhulekweni, okomzuzwana nje olandelayo noma emibili, kungabakhona yini kulesisakhiwo kuvulandi osesitezi wokuqala, kuvulande osesitezi wesibili, noma kwiphansi elikhulu, ubungaphakamisa izandla zakho kuNkulunkulu, hhayi kimi...? Onke amehlo evaliwe ngiyacela, wonke umuntu athule nje ngakho konke. Kufanele kube nesinqumo esenziwayo, kukhona *Okuthize* okumi ngakuwe, Uphakathi kokuthi uyakutshela, "Mntwana, awujabuli yini ukuthi wemukele uMhlatshelo waMi ohlinzekiwe na?" Noma kuphakathi kokuthi Kuyakutshela, "UyaNgidinga njengoMsindisi wakho, Ngikuhlinzekele uMhlatshelo, uzoWemukela na?"

236 Uma ungakakwenzi okwamanje, ungasiphakamisa isandla sakho, futhi nje ukhombise kuNkulunkulu, "Ngifuna ukuMemukela"? UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena, wena. Ya. Kuvulandi osesitezi wesibili; uNkulunkulu akubusise, wena, wena. UNkulunkulu akubusise. Impela. Kulungile, lokho kuhle.

237 "O, Jehova-Jira, ngihlinzekele manje. Usuvele uhlinzekile, futhi ngiWemukela ngesihle, uJesu wayenguMhlatshelo waKho ohlinzekelwe mina, iWundlu lamehlo ami, iWundlu lomzimba wami, iWundlu lomphefumulo wami."

238 Futhi, o, kini enigulayo nenihluphekile, enhliziyweni yakho uthi, "Jehova, ngiphe ukukholwa, manje nje, ukwemukela uMhlatshelo ohlinzekelwe mina, ngokuba uMhlatshelo wami walinyazwa ngenxa yeziphambeko zami, engawamukela, nangemivimbo yaKhe ngaphulukiswa. Manje ngizela ukuKwemukela, khona manje."

239 Baba waseZulwini, isikhathi siyavala, asizukuthatha isikhathi eside kuze kube abefundisi lapha, abazalwane bami abayigugu, bazoba sepulpiti labo, bazobe benikeza imilayezo emikhulu, kulobubusuku. Ngiyakhuleka abagulayo nabahluphekile bazophulukiswa, nezoni zizosindiswa, nabantu bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kwangathi imiphumela yoBukhona baKho ingahlala yonke indawo, kuze kufike uJesu.

240 Manje, ngalena encane, indlela elula, Nkosi, ngi—nginendlela embi kabi yokuveza noma yini, futhi uma ngonile noma yikuphi, Ngithethelele, Nkosi, Uyayazi i, Uyayazi impokophelo yami nenhloso. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzokusiza. NaleziziMbewu ezimbalwa, kwangathi Zingaqathakela phansi enhliziyweni yabantu. Kwangathi kungaletha imvuselelo enkulu lapha, Nkosi.

Busisa lababantu abaphakamise izandla zabo. Njengaleloculo elihle:

Wena unguMbumbi;
Mina ngilubumba.
Manje, ngibumbe futhi ungenze, Nkosi,
Emva kwendlela yaKho,
Ngenkathi ngisazinikele,
Ngilindile, ngithule.

241 Siphe khona, Baba, labo abaphakamise izandla zabo, bafuna ukukhunjulwa emkhulekweni, bafuna lowoMhlatshelo, ukukholwa ukufinyelela phezulu futhi aKwemukele. Kwangathi bangakwenza manje nje, Baba. Kwangathi bangasindiswa. Ngingahle ngingaphinde ngibabone kulomhlaba, cabanga ngakho, Baba. Siyehlukana manje emizuzwini embalwa, mhlawumbe ukuba singaphinde sibonane kuze kube yilolosuku lapho esangweni.

242 O Nkulunkulu, ngithanda ukuma ngasensikeni lapho bese ngithi, "Niyabo, akumangalisi yini manje na?" Njengombono nje Owawukhombisa, lencwadi enawo, sekusondele impela. Siphe khona, Nkosi.

243 Ngibethula kuWe njengemiklomelo yeVangeli elishunyayeliwe, noMoya oNgcwele lapha, ubadonsela kuJesu. Wena wathi, "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza; nalowo ozayo Angisoze ngamlahlela ngaphandle." Ngakho yilokho-ke, Baba. Labo abagulayo, ngikhulekela ukuthi Uphulukise. Siphe khona, eGameni likaJesu.

244 Manje, wena okholwayo nofuna uJesu akwenze umntwana waKhe ngempela, phakamisa izandla zakho nje, amakhanda enu ekhotheme, phakamisa isandla sakho.

Yiba nendlela yaKho uQobo, Nkosi!
Yiba nendlela yaKho uQobo!
Wena unguMbumbi;
Mina ngilubumba.
Ngibumbe futhi ungenze
Emva kwentando yaKho,
Ngenkathi ngisalindile,
Ngizinikele futhi ngithule.

245 UNkulunkulu anibusise. Kwangathi izibusiso zikaNkulunkulu ezicebile, ezinkulu, ezingafi zingaphumula

phezu kwalowo nalowo wenu, njengoba silinda ngokuzithoba, kamnandi.

246 Manje, kunamakhadi omkhuleko ambalwa anikezwa lapha endlini, sifuna ukubakhulekela. Ngaphambi kokuba sibize amakhadi omkhuleko, sisahlezi lapha emhlanganweni phansi kogcobo lukaMoya oNgcwele, uBukhona baWo obumnandi macala onke kithi, bangaki phandle lapho ogulayo, lapha, phezulu kuvulandi osesitezi, noma ngabe ukuphi, uthi, "Ngiyagula, Mfowethu Branham, uNkulunkulu uyazi ukuthi ngiyagula, futhi ngi—ngi—ngifuna, ngi—ngifuna uMoya oNgcwele waKhe omkhulu ukuba uze ungiphulukise"? Phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Ngi—ngi—ngi—ngifuna uMoya oNgcwele omkhulu ukuba uze ungiphulukise." UNkulunkulu akubusise.

247 INgelosi engikhulume ngayo lonke leliviki. . . Ngabe bakhona abayizifiki lapha na? Phakamisa isandla sakho? Abambalwa nje impela. Kulungile, lonke leliviki niyibonile i . . . Ningakholwa kuYe manje uma Engenza into efanayo na?

248 Akukho-muntu phakathi lapha engimaziyo, umkami uhlezi emuva le ngemuva, nobhuti wami ehlezi *lapha*, Mfowethu Goad, yilowo kuphela abantu engibaziyo, engibabonayo, ngaphandle kwalamadoda amabili ehlezi khona *lapha*. Ngikholwa ukuthi bebesezingxoxiswaneni zangasese izolo, lamadoda amabili. Ngaphandle. . . Bangaki owaziyo ukuthi ngiyisihambi kuwe na? Ngiyabonga. Yiba nokukholwa, ungangabazi.

249 Manje, uma uMoya oNgcwele uzoqinisekisa lokhu ukuba uze lapha, futhi uvumele. . . Uzofinyelela phezulu. . . IBhayibheli lasho ukuthi UngumPristi oMkhulu, khona manje, nalowoMhlatshelo wadatshulwa wehlukana phakathi, uyakholwa ukuthi Lowo kwakunguJesu Kristu ngenxa yakho na? Uyakholwa ukuthi Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu manje, enza ukunxusela ekuvumeni kwakho na? Uyakholwa ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bakho na?

250 Khona-ke khuleka, futhi uMcele, futhi uMthinte, futhi uMtshele, uthi, "Nkosi, uMfowethu Branham usitshele nje ukuthi Ulapha kithi. Futhi ngiyingxenye yaKho, nami, uMfowethu Branham uyingxenye yaKho. UMfowethu Branham uyinceku yaKho, futhi manje uma nje Uzokhuluma ngaye njengoba Wenza eNdodaneni yaKho, uJesu. . . Uyindodana yaKho yokutholwa, ngiyindodakazi yaKho yokutholwa, indodana yaKho yokutholwa, kodwa Wamthumela kithi ukuba—ukuba abe yisibonakaliso kithi esikhathini sokuphela, wasikhuluma."

251 Phezulu kovulandi abasesitezi, noma ngabe ukuphi, angi. . . noma ngabe ukuphi, akunandaba, kholwa nje. Uma Ezokwenza lokho, nizoba nenqwaba yokukholwa futhi nikholwe

na? Phakamisani izandla zenu, ukuze ngibone nje ukuthi nizokukholwa kanjani. Kulungile. UNkulunkulu akubusise.

252 Manje, nasi isikhathi, bazalwane. Manje, uma noma ubani eke wabuza, batshele ukuba beze. Manje, nasi isikhathi lapho ungadingeki ukuba ukhathazeke, lapho uNkulunkulu esho noma yini, Uyaligcina iZwi laKhe. Kunjalo.

253 Manje, unokukholwa, ungangabazi, kodwa kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Vele uthi, "Nkosi, mangiKuthinte," noma yikuphi phakathi lapha. Manje-ke uma Ekwenza, Ubeyokwenza kanjani na? Njengoba Enza nje ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe, waphenduka, wathi, "Ubunomopho, kodwa ukukholwa kwakho kukusindisile." Niyabo? Into efanayo.

254 Manje, uzokholwa na? Akuyona yini into enkulu lena na? Inselele enje pho! O, he! Uthi, "Ngabe kuzokwenzeka na?" Impela, Akehluleki.

255 Baphi onkulunkulu bakaBali na? Uphi umgxeki wakho, othi uMoya oNgcwele awuqinisile na? Phuma, wenze into efanayo.

256 Wena uthi, "Awu, uJesu wathi, 'Omkhulu kunalo . . .'" Woza wenze imisebenzi Ayenzile kuqala, khona-ke sizokhuluma ngomkhulu, futhi ngizokutshela ukuthi kuyini. UJesu wayengenakuwushumayela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, wawungakafiki nokho, leyo yimisebenzi emikhulu esiyenzayo. Kodwa nenze imisebenzi efanayo Ayenza, Athi niyoyenza.

Ucabangani ngaleyonkathazo yentamo, nenekazi na? Ucabanga ukuthi iNkosi izokuphulukisa futhi ikusindise na? Ikwenzile.

Angikaze ngimbone empilweni yami, uyisihambi ngokuphelele kimi.

Ngabe kunjalo, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho. Kodwa ubuhlezi lapho ukhuleka, ubungenjalo na? Kunjalo. "Nkosi, makube yimi."

Ngingamtshela kanjani ukuthi ukhuleka mayelana nani na? Naso isandla sakhe siphakeme, isandla sakhe sokunene kuNkulunkulu ukuthi kuyiqiniso. Kuyini na? Mina? Qhabo, nguYe.

257 Lowo bekungesiyo indoda ehlezi lapho no-Abrahama, idla inyama nezinto kanjalo, kwakunguNkulunkulu kulowoMuntu. Kwakungesuye uJesu, Wathi, "NguBaba waMi ohlala kiMi."

258 Kukhona inenekazi elinomzimba ozinzile, elihlezi emva kwalo ngqo, lingibuka ngqo, kade likhulekela lapho, selokhu ngiqalile, ngisho lokho, likhulekela leyonkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje, uyakholwa na? Kulungile, inkathazo yakho yenhliziyo isiphelile. Yiba nokukholwa, ungangabazi.

259 Uthi, "Kungani ubukeka kanjalo na?" Bengibhekisisa ukuKhanya, Kuphezu kwalelinenekazi khona lapha. Alizikhulekeli lona, kodwa likhulekela udadewabo, unenkathazo yenhliziyo. Usesibhedlela, akanjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ubumkhulekela. Uma lokho kunjalo vayizelisa isandla sakho *kanje* ukuze abantu bezobona. Ngingakutshela kanjani ukuthi ukhuleka mayelana nani na? UNkulunkulu Ozwa imikhuleko, uphendula umkhuleko. Uyakholwa ukuthi uyaphuma, usukahle manje na? Uthintile ngaYe. Kunjalo.

260 Ukhulekela amehlo akho, nakuba ufake izibuko, uhlezi lapho, inenekazi khona lapha ekugcineni ligqoke lelibhantshi elibukeka limhlophe. Yebo. Ubuhlezi lapho ukhulekela amehlo akho, ubungenjalo na? Ukuze nazi: Inenekazi eliseduze kwakho likhulekela imithambo eyimiqhansa. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Inenekazi elihlezi eceleni kwalo, likhulekela isimo sokuguliswa yimizwa ebelinaso isikhathi esithile. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Niyabo?

261 Uyakholwa na? Wena uthi, "Mfowethu Branham, iNgelosi yayifulathele ngomhlane waYo. Ngabe Uzokwenza ngendlela efanayo na? Usibuka ebusweni, ungahle ukuba ufunda izingqondo zethu." Kulungile, ngizofulathela-ke. Nibone uma kuyiNgelosi efanayo. Manje, angisuYe, NguMoya waKhe.

262 Manje, uma ningibuka, bukani ngimi lapha. Niyakubona lokho kuKhanya na? Manje, kukhona owesifazane, niyambona ehlezi na? Uhlezi, ube*ngale*ndlela emva kwami. Uphethwe yi—yisimila emphinjeni wakhe, futhi unomfana kanye naye, futhi unenkathazo yamankanka. Igama lakhe nguNkk. Mitchell. Sukuma, Nkk. Mitchell, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

263 Nenekazi, angikwazi, uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili *ngale*ndlela. Ngabe yilokho obukhuleka ngakho, Akutshela khona na? Kulungile. Kwemukele manje, uye ekhaya, uphile. UJesu Kristu uyakusindisa.

Uyakholwa na?

264 Kukhona indoda ehlezi emva kwakhe ngqo. Ibuka ngapha, ngiyakubona khona manje. Inenkathazo yeqolo, futhi, yahlinzwa ngenxa yenkathazo yeqolo. Inamankanka yilokho okuyenze yakholwa, inenkathazo yamankanka. Kunjalo. Mnu. Bush, awusukumi ngani futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, nawe na?

Uyakholwa na?

265 Uma ngingakwazi, mnumzane, vayizelisa izandla zakho emuva naphambili, uma—uma singazani. Ngabe yilokho obukhuleka ngakho na? Vayizelisa izandla zakho emuva naphambili *ngale*ndlela, uma u. . .uma bekuyini, ubukhuleka.

Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Hamba uye ekhaya, wemukele ukuphulukiswa kwakho.

UnguMsindisi omangalisayo, Akasuye na?

266 Kunendoda ehlezi phezulu lapho kuvulandi osesitezi, ihlushwa yinkathazo yokucinana kwemithanjana yomoya emaphashini. Mnu. Brown, sukuma. Nakho lapho okhona. Angikwazi, ngiyakwazi yini, mnumzane na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uphulukisiwe, uJesu Kristu uyakusindisa.

267 Lihlezi khona laphaya yinenekazi likhulekela umfowabo onomdlavuza. Yiba nokukholwa, uzophulukiswa uma ukukholwa. Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kulungile, ungaba nakho.

Inkathazo yenhliziyo, ukwethuka, ekugcineni ngqo, isifo samathambo sihlezi emva kwakhe ngqo. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

268 Manje, ngabe Ulapha na? Uyakholwa ukuthi Ulapha na? Kuhambe kuyo yonke indlu, kukukhombisa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje, kini nonke, kubukeka sengathi manje bekunga . . .

269 Bangaki owaziyo ukuthi imibono icishe ikubulale nje na? UJesu wathi, "Ngiyabona ukuthi kuphumile amandla kiMi." Lowo nguYe. Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa kukhombisa ukuthi LeyoNgelosi efanayo, isethembiso esifanayo! Into elandelayo yimbubhiso kulesisizwe, hhayi lesisizwe kuphela, kodwa zonke izizwe, isikhathi sokuphela sesilapha, ushintsho lulindele abantu.

270 Bangaki onamakhadi omkhuleko na? Phakamisa isandla sakho. Ngifuna nina, lomugqa lapha ukuba nisukume, nehlele lapha ngqo. Vele uqale ukusukuma, umugqa ngomugqa, uza wehlela lapha ngqo.

271 Manje, ngizonitshela okuthize, ngifuna ukufakazisa okuthize kini. Akusimina ngedwa ozokhulekela abantu abagulayo, abazalwane bami lapha banelungelo njengoba nje nginalo ukukhulekela abantu abagulayo, futhi ngifuna ukukufakazisa kini.

Bazalwane, wozani.

272 Ningeke nize ngalendlela, banumzane, nifanele niphume, futhi nize ngapha ngenye indlela, ngaleyandlela. Namakhadi omkhuleko, namakhadi omkhuleko nje. Phumani, futhi nize nizungeze ngaleyondlela. Namakhadi omkhuleko nje manje.

273 Ngifuna abazalwane bami bame lapha. Wozani lapha, bazalwane, ngifuna nina, nenze umugqa macala omabili ami lapha. Woza lapha. Ukuze lababantu bazi, awudingi ukulinda umuntu onjengo-Oral Roberts, noma uTommy Hicks, noma omunye umuntu adlule, lamadoda agcotshwe

nguNkulunkulu ukuba akhulekele abagulayo. Banelungelo nje impela lokukhulekela abagulayo njengoba nginalo, kumbe noma ubani omunye. Ningakubona manje nje, emizuzwini embalwa uma lezi ngempela ziyiziNzalo zika-Abrahama.

274 Noma yimuphi phakathi lapha onamakhadi omkhuleko manje na? Uma ninawo, phumelani ngqo ezikhaleni zezihlalo, phakathi lapha, futhi nizungeze ngqo, futhi nibumbe lowomugqa, phumani ngqo nidabule ngemuva, zungezani ngqo, bese nenza umugqa.

275 Manje, uma ungakuvumi ukukholwa kwakho kuKristu, ungezi, ngoba kuzoba kubi kakhulu kuwe, "Hambani, nina, ningabe nisona." Yini isono na? [Umfowethu uthi, "Ukweqa imithetho."—Umhl.] Ukungakholwa. Ukweqa imithetho kulungile. Ukungakholwa. "Ongakholwa use" (Ini?) "sevele ulahliwe." Ngabe kunjalo na?

276 Lokhu, abefundisi na? Kulungile. Yebo. Ukuphi, Mfowethu Hall na? LoMfowethu Hall lapha unenkonzo, ukhulekela abagulayo naye, unezinkonzo ezweni lonke, uMfowethu Hall. Ngifuna uze ngapha phakathi lapha, Mfowethu Hall, ngifuna nenze, nonke yenzani umugqa oyidabuli, lapha.

277 Bonke abakulesisigaba manje namakhadi omkhuleko, phumani ngqo esikhaleni sezihlalo, nenyuke ngqo, bese nizungeza ngemuva. Nani kuvulandi osesitezi onamakhadi omkhuleko, uma ekhona noma ubani wenu phezulu lapho, yehlani ngqo, bese nithatha indawo yenu ezikhaleni zezihlalo, khona ezansi lapha emva kwendawo, nina eninamakhadi omkhuleko, wozani emgqeni.

Manje, uma ungakholwa, futhi ungesiyo iNzalo ka-Abrahama, futhi ungakulungele, khona manje, ukuthi, "Konke sekuxazululiwe, konke sekuphelile . . . "

278 Manje, uNkulunkulu ofanayo olapha ukwenza lezizinto . . . IBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Bangaki abakholwayo ukuthi Ku*ngu*Moya oNgcwele na? Phakamisa isandla sakho. Manje, niyazi, ubungathatha esinye isimo sokuziphatha, futhi uthi Kwakungenye into, khona-ke lokho kuzoba phakathi kwakho noNkulunkulu, niyabo, awusoze wathethelelwa ngakho. Kunjalo, uJesu washo njalo. Kodwa uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho!

279 Manje, nina enisemgqeni womkhuleko, nina enisemgqeni womkhuleko, manje, asikwazi ukuza ngokubona okufihlakele, siyakwazi lokho. Mhlawumbe, lababafowethu lapha abanakho. Niyabo? Kodwa abadingi ukuba nakho, uyazi ukuthi wenzeni, nokuthi yini inkathazo yakho, uma wonile, cela uNkulunkulu akuthethelele; uma ungakholwa, cela uNkulunkulu ukuba abe nomusa kuwe futhi akwenze ukholwe.

280 Kodwa bangaki manje, kini bantu enisemgqeni womkhuleko, omi lapho, nina onamakhadi omkhuleko, emi emgqeni, uzophakamisa isandla sakho kuNkulunkulu, ukuthi uMemukele njengoMphulukisi wakho na? Phakamisa isandla sakho. Nonke, uma kukhona abanye phandle lapha ongekho emgqeni womkhuleko ofuna ukuMemukela njengoMphulukisi wakho, phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise.

281 Manje, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla phezu kwabagulayo bayakusinda." Ngabe yilokho Akusho na? Awu, khona-ke kukhona uhlobo oluthize luka—uMoya lapha, kukhona amandla athile akwaziyo ukuthi ungubani, azi konke ngawe. Akunjalo na? Wazi konke. Ngani, Yena, uma Ethembise ukwenza lokho, Uyasigcina lesosithembiso, Uyosigcina sonke isithembiso.

282 Manje, uma ungakholwa, khumbula, ungezi emgqeni womkhuleko.

283 Manje, bazalwane, ngifisa ukuthi cishe uhhafu wenu ohlangothini olulodwa *lapha*, nehle *ngale*ndlela. Kunjalo. Indlela efanayo *lapha*, kunjalo, zonke ezinye, yenza umugqa oyidabuli. Lokho kuhle. Nina befundisi ababili na? O, uyabasiza basuke emsamo, omunye ezansi lapho ukuba abasize basuke.

Manje, ngaphambi kokuba uqale umugqa womkhuleko, Billy, linda umzuzu nje, asikhuleke.

284 Lalelani, bangane, ngifuna ukunibuza bazalwane, nginethemba eliphelele kini njengabazalwane bami, ngiyazi ningamadoda kaNkulunkulu, abizwe nguNkulunkulu. Ngizama ukwazisa lezizethameli ukuthi azidingi ukuba zilinde umuntu othize ukuba eze, isiphiwo esithize esikhethekile. Iziphiwo aziphulukisi, iziphiwo kuphela zimemezela uNkulunkulu. Nonke ningabefundisi abazi iZwi kangcono kakhulu kunami, ngakho isiphiwo sakho singukwenza lokho, futhi leyo yindlela yasekuqaleni, kholwa iZwi laKhe. Wathumela iZwi laKhe futhi wabaphulukisa, yileyondlela okufanele kube ngayo. Kodwa manje-ke, uNkulunkulu muhle kakhulu, futhi wenza izithembiso ezinjalo, uma—uma—uma bengenakulikholwa iZwi, khona-ke Ubakhombisa isibonakaliso sokuthi nguYe lapho, lokho kungokwalokho, yingalesosizathu nginani lapha.

285 Futhi manje, cabanga nje: Ukuba-ke umama wami ubemi kulowomugqa, noma ukuba-ke umama wakho ubemi kulowomugqa na? Ukuba-ke umkami ubekulowomugqa, noma omkenu ubekulowomugqa na? Ukuba-ke umntwana wami ubemi kulowomugqa, nomntwana wakho ubemi kulowomugqa na?

286 Zethameli, ukuba ubungumama wami, noma ubaba wami, umfowethu, udadewethu, umkami, noma umntwana na? Futhi ukuba-ke lokho beku, lokhu *okunye* bekungokwakho na? Manje, amandla eBandla ngukuhlangana ndawonye futhi

nikhuleke. Manje, singakhuleka, bese-ke sibeka izandla phezu kwabagulayo. Niyakhumbula, uPetru waya ngale futhi wakhulekela uDorka ekhoneni, wayesesukuma emkhulekweni wakhe, wahamba wabeka izandla phezu kwakhe, futhi waphila emva kokuba esefile na? Sinikele ngomkhuleko, bese-ke sedlula enkambisweni yokubeka izandla phezu kwabagulayo, njengokukhonzisa nje ngombhaphathizo, kumbe noma yini nina bafowethu eniyenzayo, into efanayo. Niyakukholwa nonke ngesizotha lokho na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Manje, asikhothamise amakhanda ethu. Manje, bazalwane khulekani, wonke umuntu.

287 Baba wethu waseZulwini, lolu nguvuthondaba. Silishumayelile iZwi laKho, Owasimisela ukuba silenze, sizibonile izoni ziphakamisa izandla zazo futhi ziba ngamaKristu, sibone abasivivi bephakamisa izandla zabo futhi bahlangana futhi naWe enhlanganyelweni, sezwa abangcwele bekhala futhi bememeza, sibone uMoya oNgcwele uhamba phakathi kwethu, futhi uqinisa iZwi, nokufakazisa, ngokweZwi engalishumayela, ukuthi WaLenza lenza khona impela nje Ayethembisile ukuthi Liyokwenza.

288 Nkosi, lababantu bafuna ukuphulukiswa, futhi ngizama ukubatshela, impela nje njengoba Wenza iZwi laKho liqine futhi uLiqinisekise, Usuvele ubaphulukisile, *ba*phulukisiwe. Futhi uma Ugcina izithembiso zaKho entweni eyodwa, Ugcina izithembiso zaKho ezintweni zonke. Manje, Ungeke wabaphulukisa manje, ngoba sebevele baphulukiswe, kodwa sinelinye futhi isiko esizodlula kulo, lokho ngukubeka izandla phezu kwabagulayo, into yakho yokugcina, Wena, umyalo wokugcina Owunika iBandla, futhi lona ngumhlangano wokugcina kulemvuselelo. Sithatha ukuthunywa kokugcina, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

289 Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi ngamunye walababefundisi lapha uzogcotshwa kakhulu ngoMoya oNgcwele, ukuthi abasoze bakukhohlwa kulokhu ukuhlwa, lapho lababantu bedlula lapha. Bayakhuleka, Nkosi, izinhliziyo zabo ziyavutha, bafuna ukuKwenzela okuthile. Kukhona abanye phandle lapho ezethamelini, ongamile emgqeni womkhuleko, bayakhuleka. Makuthi uMoya oNgcwele Okhona futhi ugcwalisa lesisakhiwo manje ngoBukhona baKhe, phezulu kovulandi abasesitezi, phansi kwiphansi lendlu, yonke indawo, Ulapha, Mvumele aphume manje, Nkosi, futhi usigcobe.

290 Futhi lababantu mabagcotshwe kakhulu, abedlula lapha, kungemasinya, bafika emgqeni, kwangathi bangaqonda ukuthi abezi kubantu, kodwa beza kuNkulunkulu. Kwangathi bangahamba ngaphansi kwalapha sengathi bebehamba

ngaphansi kwesiphambano, basuke kulomsamo bethokoza, njengeNzalo ka-Abrahama, benamandla, benika uNkulunkulu udumo, behla ngezikhala zezihlalo bedumisa uNkulunkulu, futhi baphulukiswe.

291 Kwangathi lababafowethu bangabona amabandla abo ekhula emandleni nasekuqineni ngobufakazi babo, nabanye bangene, nezinto ezinkulu zenziwe. Baba, siphe khona. Sibanikela kuWe manje, nathi uqobo, ukuthi Uzosigcoba, ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

292 Manje, kubo bonke, wonke umuntu okholwayo, phakamisani izandla zenu, "Ngiyakholwa. Ngiyakholwa, Nkosi, ngiyakholwa."

293 Manje, uma ugcobo luba lukhulu kakhulu, angitholi ukuthi *nisale kahle* kini, iNkosi inibusise.

294 Wonke umuntu emkhulekweni manje. Sesivele sikhulekile. Manje, asicule manje, njengoba senza, "Kholwa kuphela, kholwa kuphela," njengoba sikhothamisa amakhanda ethu ngenhlonipho yokuzithoba, sikhulekelana nje manje, njengoba sibeka izandla phezu kwalababantu.

Kholwa kuphela, kuphela . . .

Woza, mfowethu. EGameni likaJesu Kristu yemukela ukuphulukiswa kwakho.

295 NgeGama likaJesu, yemukela ukuphulukiswa kwakho, mfowethu. Amen. Kunjalo . . . ? . . . [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhulekela labo abasemgqeni womkhuleko, amaningi amazwi akhe awaqondakali. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . konke okunye sekuhambile. Yisimo sakho sokuziphatha usondela kuNkulunkulu, kuyilokho-ke.

EGameni likaJesu Kristu, yemukela ukuphulukiswa kwakho.

EGameni likaJesu Kristu, kwemukele.

O, Nzalo ka-Abrahama, woza ukholwa!

EGameni likaJesu Kristu, yemukela ukuphulukiswa kwakho.

O Nkulunkulu, phulukisa umfowethu, ngiyakhuleka.

EGameni leNkosi yethu uJesu, phulukisa umfowethu.

EGameni leNkosi uJesu, phulukisa udadewethu, Baba, ngiyakhuleka.

Nkulunkulu, eGameni likaJesu . . . ? . . .

EGameni leNkosi uJesu, msindise, Baba.

EGameni likaJesu, msindise, Baba.

EGameni likaJesu, ngiyamkhulekela.

EGameni leNkosi uJesu . . .?. . .

EGameni leNkosi uJesu . . .?. . .

EGameni leNkosi uJesu . . .?. . .

EGameni likaJesu . . .?. . .

EGameni likaJesu . . .?. . . [UMfowethu Branham uyaqhubeka ekhulekela labo abasemgqeni womkhuleko, amaningi amazwi akhe awaqondakali—Umhl.]

296 Bonke abakholwa kuYe manje njengoMphulukisi wabo, uzoMemukela manje, njengeNzalo ka-Abrahama na? Uzokholwa eNkosini uJesu ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ngabe manje ufuna ukuMemukela nganoma yini, insindiso, ngokuphulukiswa, ngombhaphathizo kaMoya, noma yikuphi okunye na? UzoMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Yima ngezinyawo zakho-ke, sukuma. "NjengeNzalo ka-Abrahama, njengamakholwa angamaKristu manje siyamkholwa uJesu Kristu." Beka izandla zakho phezu komunye nomunye. Manje, ungazikhulekeli, khulekela lowo ongakuwe.

Futhi thina bazalwane, sizozihlanganisa ndawonye.

297 Njengobunye bobuKristu obubodwa, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, iKatolika, noma ngabe uyini, sihlanganisa thina uqobo nemizamo yethu ndawonye phambi kukaJehova uNkulunkulu, uMsindisi wethu, Okhona manje ukuba Azibonakalise ephila emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye. Ulapha eRichmond, eVirginia kulentambama ngesimo sikaMoya oNgcwele, Ezifakazela ukuthi uyaphila, Uyaniphulukisa manje, nonke.

298 EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, kwangathi onke amandla kadeveli angephulwa, futhi wonke umuntu aphulukiswe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

